

UMNYANGO OYA ENHLIZIYWENI



Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

² Ngiyalithanda nje lelculo. Kukhona okuthize ngalo, akunandaba ukuthi ngilicula kangaki, noma ngilizwe liculwa, liyangishukumisa nje. Ngilizwile lelo ngezilwimi eziningi kakhulu ezechukene, bengiyokwesaba ukusho nje ukuthi zingaki izilwimi. Ngibezwile abantu abebengazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, amaLawu aphuma emenweni yase-Afrika, le ungene eNdiya, izinkolo ezechukene, bemi emakhulwini ezinkulungwane, becula, *Kholwa Kuphela* nezandla zabo ziphakeme. Nginyanitshela, kuyamangalisa ukubona lapho abantu behlangana ndawonye ebunyeni. Lokho iNkosi uNkulunkulu wethu engabenzela khona! Siyazi ukuthi Mkhulu. Futhi siMthanda ngenhliziyo yethu yonke.

³ Futhi manje, kulobubusuku, kungubusuku bokuvala benkonzo yalomkhankaso, futhi ngikholwa ukuthi kukhona omunye umfowethu ozoqhuba u—umkhankaso, uMfowethu *Cernell*? Cerullo? Cerullo. UMfowethu Cerullo, ngiyaxolisa.

⁴ Angisikhulumi isiNgisi esihle. Futhi angizange ngisazi leso kahle kakhulu, njengoba ngaze ngafika eNgilandi, khonake ngazi ukuthi angisikhulumanga isiNgisi. Ngangidinga umhumushi eNgilandi kabi ukwedlula noma yikuphi engake ngaba khona. Kunjalo. Ngangicabanga ukuthi ngangikhuluma isiNgisi, kodwa angizange.

⁵ Uzoqhuba imvuselelo esakhiweni setiyetha lapho kade benezinkonzo zantambama.

⁶ Ngifuna ukuzwakalisa ukubonga kwethu ngamunye wenu, nangobambiswano lwenu oluhle, futhi lokhu kuvela kimi uqobo, uMfowethu Vayle, umkami, uBilly, uMfowethu Goad, uMfowethu Mercier, nabo bonke labo abahlangene eqenjini lethu. Siyanibonga ngempela, bangane, ngakho konke enikwenzile nemikhuleko yenu eqotho ukukwenza kube ngumhlangano oyimpumelelo wenkazimulo kaNkulunkulu. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoninika ngokuchichima ngokwedlulele. Ngikhulekela ukuthi umoya wemvuselelo awusoze washiya idolobha lenu kuze kufike uJesu.

⁷ Ngियाqonda ukuthi nje...Bengilindile ngaphandle, uBilly, umfana wami, wehla, wathi, “Akukabisikho, Babayi, bakuthathela umnikelo.”

⁸ Bekungadingekile ukwenza lokho. Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Izindleko zami azinzima kakhulu. Awu, izindleko zami zehhovisi ekhaya zingithatha cishe amadola

ayikhulu ngosuku, lokho kuthi akube yilokho engifanele ngibe nakho ngaphandle kwemikhankaso yami. UNkulunkulu uhlangabezane nalokho emkhankasweni ngamunye futhi isikhathi ngasinye, futhi ngiMbonga ngempela, ngiMbonga ngayo yonke inhliziyi yami. Futhi ngiyanibonga.

⁹ Bengiqhathanisa lokho nje noMfowethu Roberts, u-Oral Roberts. Okungcono kunakho konke okwami... Ngigcina ukuzwa ngaye, wayefanele abe nezinkulungwane eziyisikhombisa ngosuku. Umehluko impela! Kodwa niyabo, unohlelo olukhulu, ithelevishini, umsakazo, futhi kuthatha inqwaba ukuphatha uhlelo lwakhe, ngaphandle kwehhovisi, ukuthi, angazi, amakhulu amane nento kulokho, ngiyacabanga futhi—futhi kanjalo, umuntu okhokhelwa kancane, ngiyakhohlwa ukuthi kuyini, kuyimali eningi nje ukuphatha lelobhizinisi.

¹⁰ Ngi—ngibonga ngempela eNkosini A—Ayizange ikubeke konke lokho emahlombe ami, ngoba angikwazanga ukukwenza, ubuyodingeka uncenge, unxibe, futhi, ngi—ngi, lapho kuba kanjalo, ngi—ngi—ngibuyela ekhaya. Niyabo? Ngiyayeka ngayo leyonkathi, angikwenzi nje. Ngenkathi... Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, njengoba ngishilo. Kube khona okunye okuthathelwe mina, umhlango ngamunye. Bese kuthi-ke, uma abantu bengangithumelanga into ethize encane ngaphandle kwalokho ebengiyo... umhlango lapha, bengiyo—bengiyo fanele ngisonge ngeviki lokuqala.

¹¹ Futhi ngakho, kodwa nginebhizinisi elincane nje iNkosi engabele lona ngokwaYo... kukhona okune ehhovisi, kukhona izindwangu, kukhona izitembu, cishe ngicabanga ukuthi yikhulu namashumi amahlanu-, kubiza amadola angamakhulu amabili ezitembu kuphela, iviki ngalinye, izitembu nje. Nabanye babo, phesheya kwezilwandle, ngezinye izikhathi kuthatha cishe amadola amabili namathathu ukuthumela inyanda yamaduku, kanjalonjalo. Futhi khumbulani, emhlabeni jikelele, futhi ngiye ngaxhumana nabantu abangaphezu kwezigidi eziyishumi, futhi ungazibonela ukuthi kwenzani. Sifanele senze wonke uzuka usebenze ukuba—ukuze siziphilise, kodwa siyajabula ukwenzela iNkosi lokho.

¹² Ngijabula ngalomnikelo eninginike wona kulobubusuku, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa ngokwedlulele, ngokuchichimayo. Futhi ngokwazi kwami okwedlula konke, ngizowuchitha e, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uzonivuzisa ngakho, ngiyakhuleka, kulelizwe, ngokuphindwe ngekhulu, nasezweni elizayo, ukuPhila okuPhakade. Kwangathi ungahamba wenze izitini zegolide esisekhaya lakho elikhulu elingasozwe labhubha.

¹³ Futhi sibonga uMfowethu Darnell, uMfowethu Littlefield, bonke laba abanye abefundisi, ukuthi babambisana kanjani

kahle kakhulu. Ngiyabonga, ngomusa omkhulu.

¹⁴ Futhi manje, ngiyacabanga, kusasa ekuseni, iNkosi ithanda, ngizoba sendleleni yami ngibuyela ekhaya. Futhi manje ngeSonto elizayo ebusuku, ngisetabernakele lami, kinina bantu abavela enhla ngasekhaya. Ngizoba setabernakele ngeSonto elizayo ekuseni, kunjalo, enkonzweni yokuphulukisa, eSitaladini u-Eighth noPenn eJeffersonville. Kade sinezikhathi ezimangalisayo lapho, lapho nje ngitheleka kane noma kahlanu ngonyaka yilokho kuphela engiba yikho ebandleni lethu elincane leBaptisti lapho. Ngakho, uma wedlula ngesinye isikhathi, besingajabula ukuba wena ungqongqothe emnyango wethu, sijabule ukukubona.

¹⁵ Ngangivame ukuthi, “Imvula ayini kanzima kakhulu, noma ubusuku abubi mnyama kakhulu neze, kodwa ukuthi ngizokuza kuwe.” Ngifisa sengathi bencingakwenza lokho, kodwa, he, beningamangala ukuthi zingaki izingcingo ezikhona eziza ngehora. Ngicabanga ukuthi umkami . . . Kuzo zonke izingcingo engingabizwa kuzo, izingcingo ezine, ngiyacabanga, zisebenzisa cishe, ngicabanga ukuthi kwakuyizingcingo ezingamashumi amathathu nesikhombisa zebanga elide ngehora. Manje, ungazibonela ukuthi kuyini, lokho kusemhlabeni wonke. Niyabo? Futhi wawungeke uziphendule zonke.

¹⁶ Wonke umuntu enxiba, ngike ngaba nomama abancane ukuba bashaye ucingo futhi bathi, “Mfowethu Branham, linda nje, ngi—ngizokhuleka nje, iNkosi, ngiyazi, ifuna ukukuletha lapha.” Kunenqwaba enkulukazi yamathikithi amabhanoyi abekwe lapha, “Woza lapha. Woza lapha. Woza lapha.” Uyazi ukuthi kunjani. Kodwa akukho nolulodwa izingcingo engike ngiluthole, kodwa lokho, ngobuqotho, ngiyabakhulekela. INkosi inikeza imibono, ingithumela ezindaweni, ngihamba nje ngaleyondlela njengoba ngibizwa. UNkulunkulu akubusise.

¹⁷ Lamaduku abekwe lapha avela kinina bantu abagulayo, noma aya kwabanye babathandekayo benu, ngobuqotho, ngiyawakhulekela, futhi emva kwenkonzo, ningaba nawo.

¹⁸ Futhi manje, uma ungalitholanga iduku lakho phezulu lapha, ufisa sengathi besingakhulekela elilodwa, ningibhalele nje, Jeffersonville, Indiana, ngizonithumelela elilodwa mahhala hha, futhi iposi likhokhelwe. Wena nje, Jeffersonville, Indiana, futhi nje igama lami, futhi ngizolithumela kuwe. Sithumela izinkulungwane zawo ngenyanga, futhi ngakho, emhlabeni wonke, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga zenzekile zokukholwa kwabantu.

¹⁹ Lapha maduze nje, eJalimane, kukhona owesifazane omncane (Nginikhombise ukuthi kulula kanjani.), wayekade ekhubazekile iminyaka eyisikhombisa enesifo samathambo. Futhi ngakho, ngenkathi ethola iduku elincane . . .

²⁰ Ngine—neketango lomkhuleko, ngokweCentral Standard Time, umhlaba jikelele, abantu bafanele bavuke phakathi nobusuku ukuba baye emkhulekweni womunye nomunye; futhi baneziyalo.

²¹ Ngakho umama omncane waqhasela iduku elincane engutsheni yakhe yangaphansi wayesethi, “Manje, wena develi ongibophile iminyaka eyisikhombisa, suka nje kimi.” Washo wasukuma, futhi washo washona phansi kwiphansi lendlu, emva kokuhlala esihlalweni esinamasondo iminyaka eyisikhombisa. Lokho kukholwa okulula nje komntwana, kuthatha lokho kuphela. Ubuka le phandle *lapho* kuNkulunkulu, futhi ubuka ngale esiqongweni salapho Emi khona, Useduze kwakho nje; kalula nje njengoba kungaba njalo.

²² Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi sikhuleke ngaphambi kokuba sikhonzise eZwini.

²³ Futhi ngifuna ukubonga, futhi, umgcini nabantu, abasivumele sibe nalesisakhiwo, nangayo yonke into. Uma ngishiye noma ubani ngaphandle, angiqondile ukukwenza. Umshayi we-ogani, nomshayi wopiyano, nomculisi, nawo wonke umuntu: UNkulunkulu anibusise nonke ngumkhuleko wami.

²⁴ Baba onomusa, sisondele kuWe manje, kuleloGama Elenele Konke leyaKho ethandekayo, iNdodana ethandekayo, iNkosi uJesu. SiyaKubonga ngawo wonke umphefumulo osindisiwe ngesikhathi salemvuselelo. Futhi mhlawumbe kulokho kungahle kufike abefundisi nezithunywa zenkolo lowo ozosiza ukuthatha iZwi liye emasimini angaphandle emhlabeni wonke ngaphambi kokuFika kweNkosi.

²⁵ Mhlawumbe inkosikazi yasekhaya encane ezoholela wonke umndeni wayo kuWe, noma omunye umyeni ongahola wonke umuntu asebenza naye embonini yakhe, aye kuWe. Asazi, Baba, kodwa konke lokho okufeziwe, siyaKudumisa ngakho.

²⁶ Futhi siyaKucela, Nkosi, ukuba ubusise laba esisanda kubabalula nje, nabanye abaningi abebedinga ukuba kukhulunywe ngabo ebesingeke sibabalule, sikhulekela ukuthi Uzoba nabo bonke.

²⁷ Futhi manje, busisa lamaduku, Nkosi, abekwe lapha, amele abantu abagulayo nabahluphekile. Futhi Nkosi, siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu amaduku noma izindwangu, futhi kwathunyelwa kwabagulayo nabadingayo nemimoya engcolile yaphuma kubo, futhi kwenziwa izimanga ezinkulu.

²⁸ Futhi Baba, siyaqonda ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa UsenguJesu. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzohlonipha ukukholwa kwabantu obeke lamaduku lapha futhi kwangathi bonke bangaphulukiswa.

²⁹ Omunye umbhali wathi, ngenkathi u-Israyeli evinjezelwe ekhoneneni, nogwadule macala omabili, nezintaba, noLwandle oluBomvu lwalubanqumile phambi kwabo, nempi kaFaro iza, ibalandela ukuthi uNkulunkulu wabuka phansi ngeNsika yoMlilo, nolwandle lwesaba futhi lwavuleka, ngoba indlela yezinyawo kaNkulunkulu yaholela ehlane iya ezweni elithenjisiwe.

³⁰ Nkulunkulu, lapho lamaduku ebekwa phezu kwemizimba egulayo yalabo abahluphekayo, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angabuka emuva ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, futhi kwangathi ukugula kwalababantu kungasuka. Futhi kwangathi bangadlula kulesosithembiso esihle sempilo namandla. Siphe khona Nkosi.

³¹ Sikhonzise, kulobubusuku, ngeZwi elilotshiwe, ngokushumayela nogcobo lukaMoya oNgcwele; sindisa izoni, buyisa abahlubuki emseni osindisayo kaNkulunkulu endaweni yasekhaya, lapho abangabakhona ngempela; phulukisa abagulayo nabahluphekile futhi uthole udumo kuWe uqobo; yenza onke amademoni aphume esakhiweni; nikeza inkululeko kaMoya ukuze abantwana baKho abakhonzayo babe nenhlanhla kulobubusuku, ukujabulela ezijulile, izibusiso ezicebile zikaMoya oNgcwele, uBaba azibekele bona. Lokhu ngiyakucela, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

³² Manje, masinya emva kwenkonzo ungeza futhi uthole iduku lakho—lakho.

³³ Ngifisa ukufunda eBhayibhelini kulobubusuku eNcwadini yeSambulo, nina enibhala indikimba ubusuku ngabunye.

³⁴ Futhi manje, ngeke sivumele amateyipu ahambe kulobubusuku, kodwa ningawathola amateyipu uma nifisa, nje, ngicabanga ukuthi bathengisa cishe ngamadola amathathu lilinye. Ngabe kunjalo na? Futhi niyazi ukuthi lokho kushibhe kanjani. Ngisanda kuthumela komunye umvangeli, futhi ngathenga iteyipu, futhi kungibize amadola ayisishiyagalolunye ngeteyipu. Sineteyipu efanayo ngamadola amathathu, kancanyana nje ngaphezu kwezindleko.

³⁵ Futhi uma ungalazi ikheli lomfana, ithini inombolo yakho yebhokisi lapho na? 315 Jeffersonville. Bhalela ku: Leo Mercier, 315, Jeffersonville, Indiana, futhi bazonithumelela noma yiyiphi iteyipu abayifunayo. Futhi banezinye, o, amakhulu ezintshumayelo emateyipini, nemigqa yomkhuleko, kanjalonjalo, ningathanda ukuhlola emuva ukubona ukuthi iNkosi yathini kini emgqeni womkhuleko.

³⁶ Manje, iNcwadi yeSambulo nesahluko 3 nevesi 20, ngifisa ukufunda indikimba:

Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: futhi uma umuntu ezwa iphimbo lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kwaleliZwi.

³⁷ Manje, lona uthi ukuba ngumBhalo ongewayelekile womkhankaso wokuphulukisa. Futhi ngenkathi ngiqala ukufunda lokhu, kwaletsa okuthize emqondweni wami, isithombe somunye emile, engqongqotha emnyango.

³⁸ Futhi ngingumthandi omkhulu wobuciko, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usebucikweni, ubuciko bangempela, uNkulunkulu usemculweni, uNkulunkulu usemvelweni, uNkulunkulu useBandleni laKhe, uNkulunkulu ukuyo yonke indawo nje, futhi ngiyabuthanda ubuciko kakhulu.

³⁹ Namhlanje, ngibe nenhlahlala yokudla isitsha sesaladi elincane nomngani esitolo othenga udlele kuso, futhi bekul'khuni ukuba ngilalele ukuthi uweta ubethini, ngenkathi ngisancoma izithombe odongeni.

⁴⁰ Ngiyathanda ukungena endlini yomKristu futhi ngibone izithombe zikaKristu odongeni. Manje, ngiye kwamanye amakhaya athobekile amakhulukazi, futhi ngingaqoka ukungena ekhaya elalinezithombe zamaKristu odongeni, isayini encane phezulu lapho, "Nkulunkulu Busisa Ikhaya Lethu," futhi akunandaba noma babengenawo ngisho ukhaphethi kwiphansi, noma iphansi lokubeka ukhaphethi, bengiyozizwa ngisekhaya kakhulu lapho kunoma bengiyozizwa kwenkulu, indawo ewubukhazikhazi enenqwaba yezithombe zabadumile eziqhaselwe odongeni.

⁴¹ Kuya e... Ake ngibone ukuthi ubukani, ukuthi ufundani, futhi ake ngihlale ngasendaweni yakho isikhashana futhi ngibone ukuthi ufundani, nokuthi hlobo luni lomnyuziki olulalelayo, ngingakutshela ukuthi uyini, ngikutshele ukuthi umoya wakho uzondla ngani. Ngakho yingalesosizathu, kuleliviki, impela ngishaye phansi enqwabeni yalokhu lapha izinto zethelevishini, izinhlelo ezingahlungiwe; babevamise ukungabi nazo, kodwa bayadlebeleka ngempela namhlanje eMelika.

⁴² Futhi ngathola isithombe kanye, esasishaya ukuthi... (Angikwazi nje ukukhumbula ingcweti e—eyadweba isithombe.) kodwa sasingesikaKristu engqongqotha emnyango. Futhi yayi, ngiyacabanga, ingcweti engumGreki. Futhi ngenkathi Engqongqotha emnyango... Zonke izithombe ezidumile, kuqala, sizofanele sedlule kulokho okubizwa ngehholo labagxeki, ngaphambi kokuba siye ehholo lodumo.

⁴³ Lowo ngumcabango omuhle. Benazi yini, zonke izinto ezinkulu zizofanele zedlule kubagxeki na? IBandla likaNkulunkulu elibusisiwe lizofanele ledlule kubagxeki futhi

limele ukugxekwa ngaphambi kokuba Lisiwe ehholo lodumo lukaNkulunkulu olungafiyo. UmBhalo uthi, “Bonke abaphila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa.” Ngakho uma ungahlushwa ngenxa yokulunga, hhayi into ozilethele yona, kodwa ngenxa yokulunga, kukhona okungalungile ndawondawo.

⁴⁴ Nalesisithombe silenga ehholo nabagxeki bedlula kuso, ngiqonde abagxeki abaziyo ngempela ukuthi kugxekwa kanjani, futhi bagxeka isithombe kukho konke abangakuthola, khonake uma kwedlula kubagxeki ngaphandle kokugxekwa, khonake yisithombe esidumile.

⁴⁵ Futhi ngenkathi lesisithombe sasise, inqubo yaso sidlula kubagxeki, kwakukhona umgxeki oyedwa owathi kumdwebi, wathi, “Mnumzane, unesithombe esihle seNkosi uJesu. Futhi unomnyango wakho uyamangalisa nje, nomvini omncane phezu komnyango, obukeka njengekhaya ngempela, kodwa,” wathi, “kunento eyodwa owehluleke ukuyenza.”

Futhi wathi, “Yini leyo, ndoda yami elungileyo na?”

Wathi, “Awuzange ufake isibambo emnyango. Futhi Uzongena kanjani uma kungekho sibambo emnyango na?”

Nengcweti yathi, “Yileyondlela ebengihlose ukusidweba ngayo, ngoba kulomnyango, isibambo singaphakathi.”

⁴⁶ Kunjalo. UKristu uyangqongqotha, kodwa nguwe oMvulelayo. “Bheka, Ngimi ngingqongqotha emnyango: uma umuntu eyovula...” Isibambo sisesandleni *sakho*, ukungqongqotha kukuYe.

⁴⁷ Futhi manje, umuntu ubengangqongqothelani emnyango na? Unamsebenzi muni umuntu wokungqongqotha emnyango wenye indoda na? Yingoba ufuna ukuthola ukungena. Unomlayezo, noma isipho, noma into ethize afuna ukuxoxisana ngayo nawe. Futhi yingalesosizathu abantu bengqongqotha emnyango wakho.

⁴⁸ Futhi kube namadoda amaningi amakhulu kusukela phansi eminyakeni angqongqothe eminyango. Isibonelo nje, uKesari omkhulu u-Awugustu, bekuyokwenzekani ukuba wayehlele endlini yomuntukazana ngezinsuku zokubusa kwakhe okudumileyo, futhi wayeyokwehlela lapho futhi angqongqothe emnyango womuntukazana, umuntu ompofu na? Umbusi omkhulu waseRoma, ehlela endlini yomuntukazana, lokho kwakuyoba ngukubuka okungajwayelekile kakhulu, ukubona uKesari omkhulu onamandla engqongqotha emnyango womuntukazana omncane.

⁴⁹ Uma lowomuntukazana wayengaya emnyango futhi avule, futhi abone uKesari omkhulu, wayeyowa ngobuso bakhe futhi athi, “O, Mbusi omkhulu waseRoma, ufunani lapha endaweni yami yokuhlala ethobekile na? Ngena, mnumzane onomusa,

futhi konke enginakho kungokwakho.” O, bekuyoba udumo olukhulu kanjani kulomuntukazana ukuba abungaze uMbusi waseRoma!

⁵⁰ Noma ukuba-ke eJalimane, eminyakeni embalwa edlule, uma u-Adolf Hitler ongasekho, umholi waseJalimane, wayeyokwehlela komunye womnyango wesosha lakhe elihamba ngezinyawo, futhi wayengqongqothe emnyango, nesosha laliyovula umnyango, futhi nakho kumi u-Adolf Hitler, umholi waseJalimane, igama elikhulu kunawo onke eJalimane emi emnyango wakhe na?

⁵¹ Ngani, isosha elincane laliyothi ngokushesha lishaye indesheni, futhi lishaye isaluthe yalo yaseJalimane, futhi lathi, “Mholi omkhulu waseJalimane, ngena endlini yami. Ungikhombise ukuhlonishwa ngaphezu kwabantu bonke. Cabanga ngami, isosha nje, futhi nakhu kumi induna enkulu, emnyango wami. O, Hitler omkhulu, bengingakwenzelani na?” Bekuyoba yinto ehloniphekile ukubungaza u-Adolf Hitler, lowo bekungaba ngomunye wamasosha akhe ahamba ngezinyawo.

⁵² Noma ngisho lokhu: Bekuyoba ngukuhlonishwa kumongameli wase-United States, uMongameli uDwight Eisenhower, umongameli wethu othandekayo, bekuyoba ngukuhlonishwa kuye ukuba eze kuwe, ngaye ukuba eze endaweni yakho. Nakuba ungahle ube ngumDemokrati obedlula bonke okhona eChattanooga, ungahle wehluke kuye kwezombusazwe, kodwa bekuyoba ngukuhlonishwa okukhulu kuMongameli Dwight Eisenhower ukuba angqongqothe emnyango wakho futhi akuvakashele. Impela, ungomunye wamadoda amakhulu kunawo onke e-United States, uMongameli Eisenhower, bekuyoba ngukuhlonishwa kuwe ukubungaza uMongameli Eisenhower, kunoma yimuphi wethu ukwenza kanjalo.

⁵³ Futhi maduze nje, indlovukazi yaseNgilandi ivakashele e-United States. Yimuphi owesifazane omncane lapha kulelidolobha, kodwa obekuyoba ngukuhlonishwa okukhulu ukuba leyondlovukazi ibiye emnyango wakho futhi yangqongqotha emnyango wakho na? Futhi lapho uyibuza ukuthi yayingubani, futhi yayithe, “NgiyiNdlovukazi yaseNgilandi,” o, wawuyojabula.

⁵⁴ Amaphephandaba abeyokuqukatha, umsakazo ubuyokusakaza, ukuthi indlovukazi, izithobe kakhulu ngangokuthi izehlisele e—emjondolo omncane ndawondawo, noma emnyango wami, noma emnyango wakho, nakuba ine... Asisizo izikhonzi zayo, kodwa ingowesifazane omkhulu, iyindlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni, indlovukazi enamandla kakhulu emhlabeni. Nakuba singesizo izikhonzi zayo, ayinamandla esikhundla phezu kwakhe, kodwa

ingowesifazane obalulekile, yilokho okwenza umehluko. Namaphephandaba abeyojabula ukukucosha.

⁵⁵ Kodwa niyazi ukuthini? UMuntu osemqoka kunabo bonke kulolonke iPhakade yiNkosi uJesu. Ubani obaluleke ukwedlula Yena na? Futhi ubani ojikiswa kakhulu kunaYe na?

⁵⁶ O, ubuyongenisa indlovukazi, ngokushesha, noma ubuyongenisa umongameli, ngokushesha. Namaphepha ayokuqukatha, nomsakazo uyokuqukatha, bebeyojabula. Kodwa uJesu angangqongqotha emnyango wenhliziyo yakho, futhi uvale umnyango ebusweni baKhe, bese uthi, “Angifuni kuzihlanganisa ngalutho naWe. Kuyokonakalisa umphakathi wami. Kuyokonakalisa *lokhu, lokho*.” Noma “Kuyongenza mina nomveni wami sehluke komunye nomunye.” Noma “Kuyokwenza mina nobasi wami sehluke komunye nomunye.”

⁵⁷ Ngijabula kakhulu ukuthi iVangeli likaJesu Kristu likwenza wehluke, ngokuba kunomehluko omkhulu kakhulu lapho ukhonza iNkosi. Lapho uJesu eke wangena enhliziyweni yakho, ungumuntu oququkile kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke.

⁵⁸ Kodwa cabanga ngakho, uma ungqongqothe emnyango womunye umuntu futhi wazama ukungena, futhi bavala umnyango ebusweni bakho, ubungeke usabuyela emuva, nhlobo, kodwa hhayi Yena, Uzoza ubusuku nobusuku, usuku nosuku. Yilokho okuMenza uNkulunkulu yingoba Uthobekakho. Yena ngokuqhubekayo, njalonjalo ungqongqotha emnyango wakho.

⁵⁹ Ngibe nenhlanhla yokuvakashela amanye amadoda amakhulu, uKing George waseNgilandi, inkosi engasekho, uKing Gustaf waseSweden, namanye amadoda amaningi amakhulu, uWillie D. Upshaw ongasekho, uCongressman waseningizimu lapha, waphulukiswa emihlanganweni yami emva kokuba esebe yisishosha iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, iNkosi yamphulukisa, futhi ngibe nenhlanhla enkulu yokuhlangana namadoda amakhulu.

⁶⁰ Manje, uma umuntu emkhulu, lapho ukhuluma naye, uzokwenza ucabange ukuthi ungomkhulu; kodwa thatha umuntu ocabanga nje ukuthi ungumuntu othize, uzama ukuziqhumisa ngaso sonke isikhathi, ebe engelutho. Mnike nje ushintsho lwezingubo zokugqoka, futhi ungumuntu oququkile. Kodwa indoda enkulu ngempela iza ibe ncane. Lokho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu waseZulwini Wazenza uMgezi nyawo esintwini. Indlela ephezulu iphansi. “Ozithobayo uyakuphakanyiswa.”

⁶¹ Yileyo indaba ngathi thina bantu namhlanje, asifuni ukwemukela lokho kuthobeka kweVangeli. Sifuna ukucabanga ukuthi sithe nje ukuba ngcono kancanyana, sazi kakhudlwana kunomunye umuntu. NoJesu ungqongqotha emnyango futhi Uyaxoshwa.

⁶² “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, umzuzwana nje, hhayi mina, ngaMemukela kudala, Wangena enhliziyweni yami.”

⁶³ Awu, ngijabula kakhulu ngalokho, ukuthi Wangena enhliziyweni yakho. Kodwa manje-ke, bekuyokwenzekani uma indlovukazi ingena endlini yakho noma umongameli engena endlini yakho, futhi wawunengcebo encane ihlezi odongeni, into ethize encane—encane, into encane obucabanga ukuthi inqwaba yayo, futhi ukuba-ke bebekufisa lokho na? Ubuyothi, “O, Ndlovukazi yaseNgilandi, thatha nje noma yini esendlini yami, ingeyakho, wamukelekile.”

⁶⁴ Futhi uma ungimemele endlini yakho, ungixhawule emnyango wakho, wawusuthi, “Mfowethu Branham, ngena, uhlale phansi, uzenze ube sekhaya,” ngani, bengiyozizwa ngikahle kakhulu ukuba ngihambe futhi ngikahlele izicathulo zami, futhi ngilale phansi nginqume embhedeni futhi ngithathe isihlwathi. Uma ngangilambile, bengiyoya ebhokisini leqhwa futhi ngizilungiselele isemishi. Bengiyozizwa sengathi bengingumfowenu, nokuthi ngangemukelekile noma yikuphi endlini yakho.

⁶⁵ Kodwa sivumela uJesu angene, emnyango wethu ukuba abe nguMsindisi wethu, kodwa sinenqwaba yeminyango emincanyanyana esiNgamfuni ezilulaza ngayo. Manje ngizovele ngihlinze nje kancanyana, angiqondile ukulimaza, kodwa bukani, kunjalo, uzoMvumela abe nguMsindisi wakho, ngoba awufuni ukuya esihogweni, kodwa ngabe uzoMvumela abe yiNkosi yakho na? *INkosi* ingukubusa, ubunikazi. Angangena yini enhliziyweni yakho futhi abuse impilo yakho na?

⁶⁶ O, kunomnyango omncane, uthi nje Angangena emnyango wenhliziyo. Wena uthi, “Manje, Nkosi, Ungangisindisa, ngiyakuthakasela lokho, ngizobhaphathizwa futhi ngiye esontweni, kodwa uyabo, lowomnyango omncane laphaya? Leyo yimpilo yami yangasese, futhi angifuni Usebenzane nanoma yini nalokho.”

⁶⁷ Leso yisimo sokuziphatha samaKristu namhlanje, amaningi kakhulu awo. “Ungazilulazi ngempilo yami yangasese, manje, ngoba ngineqembu lami elincane engihambahamba nalo, engihambisana nabo abancane, futhi angikufuni uphazamise lokho.” Khona-ke Akamukelekile. Khona-ke U...Ungakhathazeki, Angeke ahlale isikhathi eside kakhulu uma Engemukelekile. Niyakhumbula eGadara na? Wayengemukelekile, ngakho Akahlalanga.

⁶⁸ Ngakho, wena uthi, “Manje, impilo yami yangasese, manje ngineqembu elincane uqobo engihlala nalo, futhi lowo yithi nabakwaJones, futhi nje asifuni noma ubani omunye azilulaze ngezimpilo zethu. Sinephathi yethu encane yokudlala amakhadi ibridge, futhi—futhi thina, uSusie nami, sibonisa isitolo njalo

ngoLwesibili ntambama nangoLwesine, futhi nje angifuni Uzilibazise ngalokho.”

69 “O,” wena uthi, “Ngi—bengingeke ngakusho lokho, Mfowethu Branham.”

Kodwa uyakwenza, noma kanjani!

70 “Manje, sinomphakathi wethu omncane ezansi ebandleni lethu, futhi siyatisha futhi sithunge, futhi sithunge futhi sitishe, futhi sitishe futhi sithunge, futhi sikhulume ngoNkosazana *S'bani-bani*, futhi ngi—ngi—bengingeke nje ngibe nanoma yini ukuphazamisa lokho.” Akumangalisi singeke saba nemvuselelo, amaKristu azishoyo ngaphandle kokuba noKristu.

71 “O awu, ngiyakutshela, ngikucabangisisile, kodwa ngibhema osikilidi, ngiyazi bengingafanele ngikwenze.”

72 Awu khona-ke, kuyeke! Uma kukhona umbuzo engqondweni yakho kunoma yini, ungakwenzi. Noma ngasiphi isikhathi kukhona umbuzo, unephutha. Kuyeke! Kubangela ukufa okuningi kunanoma yini engazi ngayo, osikilidi.

73 “O,” wena uthi, “bawuthengisa kwithelevishini.”

74 Yini enye abayenzayo kwithelevishini na? Mangisho lokhu ngomuhle, omnandi, umuzwa othobekile enhliziyweni yami: Owangempela, umKristu ozelwe ngokusha wazi kangcono kunokukwenza.

75 Ngenkathi ngisengumfanyana, ngenkathi ngiqala ukugcotshwa eBandleni iMissionary Baptisti, ngangineBhayibheli elincane, nabantu babelokhu bethi kimi, “Mfowethu Branham, ngabe kuyiphutha ukubhema na? Ngabe kuyiphutha ukuphuza na?” Futhi ngangibuka leloBhayibheli elincane ngoluny’usuku, ngabhala into encane ngemuva, ngathi:

Ungangibuzi imibuzo ewubuwula.

Kucabange lokhu engqondweni yakho,

Uma uthanda iNkosi ngayo yonke inhliziyu yakho,

Ungeke ubheme, upilombe, noma uphuze utshwala bokuzenzela.

Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuhle kakhulu ukuhlala kukho. Kuyangabazisa!

76 Nendodana yami yayisebandleni elithize leBaptisti, lapha esikhathini esingaside esedlule, khona eTennessee, nomshumayeli wadingeka akhiphe uSonto sikole ngaphambi kwesikhathi ukuze bonke bakwazi ukuma ngaphandle futhi babheme ngaphambi kokuba babuyele endlini yokufundela. Leyo yindoda eyodwa ephethe igama leBaptisti engakufanele ukubizwa ngalokho.

77 Lokho bekufanele kube iklassi lami kanye. Ngiyanitshela, ngingaqoka ukushumayela ezinsikeni ezine zodonga futhi

ngikhulume iqiniso! Bengiyoxosha lesosigejane sabazenzisi, noma bebeyoya e-altare futhi balungise izinto noNkulunkulu. Ngakho, niyabo, awufuni neze ukungivotela ukuba ngehlele lapha ebandleni lakho.

Ngikholwa ukuthi isikhathi sesifikile lapho abantu bengeke. . .

⁷⁸ O, bathi, “Mfowethu Branham, umzuzu nje, umelusi wami uyabhema.”

Awu, udinga i-altare, njengoba nje udinga. Kunjalo. Ukuba ubekahle enhliziyweni yakhe ngqo, ubengeke akwenze. O, leyompilo encane yangasese onayo engeyakho uqobo, lowomnyango omncane ongapuni muntu ozilulaza kuwo!

⁷⁹ Khona-ke kukhona omunye umnyango omncane laphaya obizwa ngokuthi *Ukuziqhenya*. O, uthanda kanjani ukuphakamisa ikhala lakho elincane emoyeni, ukuziqhenya, ucabanga ukuthi ungumuntu othize.

⁸⁰ Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangimi nabanye abafana, ngangingenabo, kodwa ngangibabhekisisa, futhi babebuka, inkundla yezemihlalo enkulu evulekile esasikuyo, futhi kwakusho ukuthi ukulinganisela kwakubiza malini endodeni esinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu kumakhemikhali. Ubuyomangala ukuthi indoda ngempela ibiza malini. Inomcako owanele nje emzimbeni wayo ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, ikhalsiyamu encanyana, ama-awunsi ambalwa, futhi lapho konke sekubhalansile, enhle, enamandla, indoda engamaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu ibiza amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, nowesifazane ubiza ngaphansi, akanawo amakhemikhali indoda enawo.

⁸¹ Bese kuthi-ke uyobeka ijazi lemink elingamadola angamakhulu amahlanu kulawomasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane bese uphakamisela ikhala lakho emoyeni, uma lina, ubuyominza, bese-ke ucabanga ukuthi ungumuntu othize, ngoba ungowebandla ndawondawo. Kunjalo. Kuyini na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane.

⁸² Futhi omunye walabo bafana wathi komunye, wathi, “Awu, John, asibizi kakhulu kangako asinjalo na?”

⁸³ Futhi ngabeka isandla sami emahlombe abo bobabili, ngase ngithi, “Anginambuzo kulokho, ososayense okuhlaziyile lokho, benza lesositatimende. Kodwa, bafana, njengomfundisi weNkosi uJesu, unomphefumulo kuwe obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi.”

⁸⁴ Uma wehlele lapha futhi wathola isitsha sesobho, futhi waqala ukudla, futhi uthole ulwembu kuso, o, he, ubuyochitha lellosobho futhi ufune ukumangalela esitolo othenga udlele kuso. Impela uyawanakekela lawomasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, kodwa uyovumela udeveli ahlohle

phansi kuwe uphoyizeni ophindwe kazigidi eziyishumi wosikilidi, futhi uwukhokhele, noma isiphuzo sikagologo, noma iphathi yamakhadi.

⁸⁵ Ngingahle ngingaphinde nginibone kulempilo, lokhu kungahle kube ukuvakasha kwami kokugcina, mhlampe kunjalo, ngoba ngibheke emasimini phesheya kwezilwandle, kodwa ngifuna nazi ukuthi yini iqiniso. Lowomnyango omncane wokuziqhenya, o, kukakhulu... Namuhla, ngiyakutshela, uma ufuna ukwenza okuthile, penda izitebhisi zakho zibe bomvu ngeviki elizayo, futhi ubone uma abantu abakhelene nawe bengazipendi izitebhisi zabo zaba bomvu; thenga imoto ebomvu, nomakhlwane wakho akakwazi nje ukukumela, ufanele abe nemoto ebomvu. Wusuku lokulingisa, ukumesha.

⁸⁶ Ngigagele, lapha esikhathini esithize esedlule, emavikini ambalwa edlule, ngangigqoke ibhulukwe elimnyama, ngangigqoke ipheya lamasokisi aluhlaza satshani, nothayi obomvu, nomkami wathi kimi, wathi, "Billy, lokho akuhambelani."

Ngathi, "Kodwa kuhlanzekile, angikhathali noma kuyahambelana noma qha."

⁸⁷ Angikhathali noma ngabe amasokisi ami ayahambelana nebhulukwe lami, noma ibhulukwe lami lihambelana nebhintshi lami, ngifuna isehlakalo sami sihambelane neBhayibheli likaNkulunkulu, yilolohlobo lokuhambelana ebesifanele silwenze.

⁸⁸ Kodwa o, leyompilo encane yokuziqhenya! Umshumayeli angashumayela ngokumelene nezimilo ezimbi kakhulu njengoba efuna, futhi uzokudedela kwehle ngomhlane wakho, njengomhlane wedada namanzi ehla kuwo, wazi kakhulu nje ukuthi iVangeli ngeke lisangena, nhlobo. Ukhuluma ngokubhidliza izindonga ezimaphakathi nendawo zokwahlukanisa nabantu behlangana ndawonye nganhliziyonye, ukubambisana, nemihlangano emikhulu, nokwenkazimulo kaNkulunkulu, ake nje kuqale imvuselelo, "Lokho akuhlangene nehlelo lethu." Nakho lapho okhona. O, leyompilo encane yokuziqhenya!

⁸⁹ Khona-ke kukhona omunye umnyango phakathi lapho, *ubuGovu*, "Engingakuthola kukho, mina nomndeneni wami. O, besingeke sijoyine leyomishini encane ezansi lapho, ngenxa yokuthi, awu, ukuma kwami kwenhlaliswano nabantu, ngiphethe isitolo sezimpahla ezingesilo uketshezi edolobheni. Ngiphethe isiteshi sikapetroli. Uma bebazi ukuthi ngaya kuleyomishini. . . " O, he!

⁹⁰ Ekuhambeni kwami, ngithola imihlangano yokomoya edlula yonke engiyitholayo, isezimishini ezincanyanyana, lapho abantu abayingxenye yedazini behlezi khona ndawonye ezindaweni

zaseZulwini. Banamaningi amademoni ngaphandle, bevalelwe noKristu.

⁹¹ Khona-ke kukhona omunye umnyango engithanda ukuba noKristu ukuba angqongqothe kuwo kulobubusuku, lowo ngumnyango woku*Kholwa*. Lowo ngumnyango odinga ngempela; ngifuna ukuhlala nje kancane kulokho. Ungena ebandleni futhi mhlawumbe wemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nawe, kodwa nje awunakho ukukholwa, usho njalo. Akumangalisi, ungeke uMvumele angamele. O, umelusi wakho uthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, khona-ke lokho kuvimbela uKristu emnyango wakho. IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi lapho uKristu engena, Ufuna ukuba nguMbusi, Ufuna ukuba yiNkosi yokukholwa kwakho.

⁹² Yingalesosizathu abantu bengaphulukiswa. Yingalesosizathu bengenakho ukukholwa okuzibamba ziqine, bama emuva ngemva kwento ethize, “Ngithinte.” Noma “Yenza inkohliso encane phezu kwami.”

⁹³ Ake ngisho lokhu, mfowethu, noma yiyiphi indoda, noma ngabe ingubani noma ingowaliphi ibandla, ekutshela ukuthi ingakuphulukisa ngokoqobo ifundisa into ephambene neBhayibheli likaNkulunkulu. Ukuphulukisa kungumsebenzi osuqediwe, uKristu wakwenza eKalvari. Futhi uma kuphela Engangena enhliziyweni yakho futhi avule inhliziyo yakho, uze uwubone umsebenzi osuqediwe, usuqediwe lapho uwemukela.

⁹⁴ Insindiso iyafana; uma kukhona amandla okuphulukisa umuntu, kukhona amandla okusindisa umuntu. Umuntu kokubili wasindiswa futhi waphulukiswa ngenkathi uKristu efa eKalvari, “Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Ngakho-ke, lowomnyango omncane ongukukholwa. . .

⁹⁵ “O, ngizo—ngizozama.”

⁹⁶ Ukukholwa akuzami. O, malibongwe iGama laKhe! Ukukholwa kuyazi ukuthi kumi kuphi, ukukholwa kunezinkonyane ezinkulu nesifuba esinoboya. Futhi lapho kusukuma nemisipha yakho emikhulu, yonke into ephambene ihlala phansi, kuyadazuluka, futhi kuzwakala sengathi ingwe emnyama imemeza kakhulu, futhi wonke umvundla uya emhumeni wawo. Ukukholwa kungubasi. “Konke kuyenzeka kwabakholwayo,” konke.

⁹⁷ “Awu,” wena uthi, “Ngingahle ngicele uNkulunkulu kakhulu, Mfowethu Branham.”

Ungeke waMcela ngokwenele, Uyathanda ukukwenzela khona.

⁹⁸ Ungathini nje inhlanzi encane ethi ayibe nguhhafu we-intshi ubude, phandle maphakathi noLwandlekazi i-Atlantic, ithi, “Awu, kungcono ngiphuze lamanzi ngokuwonga, ngingahle

ngiphelelwe ngelinye ilanga”? Lokho bekuyoba umbhedo. Futhi bekuyoba ngumbhedo kakhulu ukucabanga ukuthi ubungake uze uyiqede intando enhle kaBaba ukukwenzela izinto.

⁹⁹ Ungathini nje igundane elincane elithi alibe lide *kangako*, phansi kwezinqolobane ezinkulu zaseGibhithe, lithi, “Manje, umzuzwana nje, kunamathani ayizigidigidikazi ezingamakhulu amane namashumi amahlanu kuphela kulenqolobane, ngakho mhlawumbe kungcono ngidle uhlamvu olulodwa ngosuku, ngoba ngingahle ngiphelelwe ngaphambi kwesikhathi sasentwasahlobo.”

¹⁰⁰ O, yile yondlela amanye amaKristu acabanga ukuthi uNkulunkulu uyiyo, uzama ukuzihlinzeka, ujoyine ibandla nje, wenza lokhu *nje*, “O, uma nje ngenza okwedlula konke engingakwenza.” Uma wenza okwedlula konke ongakwenza, uzokholwa sonke isithembiso uNkulunkulu asenza, singesakho. Awusoze waMcela okuningi kakhulu, Uyathanda ukunikikeza. “Cela okuningi ukuthi okwakho...okuninginingi, ukuze ukuthokoza kwakho kugcwele.” Cela izinto ezinkulu nje futhi ukholwe izinto ezinkulu.

¹⁰¹ Kodwa isizathu ungeke ukwenze, wena uthi, “Manje, Jesu, Wena ngisindise, Ungangivumeli ngiye esihogweni, kodwa ungazilulazi, ngoba mhlawumbe uDkt., Ph.D. Calhoun uqinisile, kungahle kube ukuthi izinsuku zezimangalisise sezedlule.”

¹⁰² “Kungahle kube njalo.” Kungokwakho. Uyazakhela nje lokho, kunjalo.

¹⁰³ Indoda ifika kimi ngesinye isikhathi esedlule, futhi yathi, “Mnu. Branham, angikhathali ukuthi wenzani noma uthini, angikholelwa ezimangalisweni.”

Ngathi, “Kwakungesikho okwenu eningakholwa, kwakungokwalabo abakhulwayo.”

¹⁰⁴ Lowo ngumbuzo nje kuphela. UJesu wathi, “Okholwayo, konke kuyenzeka.” Okwalabo abazokholwa futhi bazobeka ukukholwa kwabo okumsulwa emisebenzini esiqediwe kaKristu, uNkulunkulu ulapho, ubophezelekile ukukwenza.

¹⁰⁵ Umnyango wokukholwa, uma uJesu ubengama emnyango wokukholwa...Futhi manje, akukho kugxeka okumelene nodokotela, ngiyakholelwa kodokotela. Uma udokotela...Niyazi ukuthini? Ngithole odokotela abaningi abakhulwayo, ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kunoma nginabashumayeli. Kunjalo.

¹⁰⁶ Inkathazo yakho ingukuthi, yizinjongo emva kwakho. Uya kudokotela ohlinzayo, udokotela ohlinzayo uzothi, “Ungayi kudokotela wezokwelapha, awuwadingi amaphilisi kashukela, udinga ukuhlinzwa.”

Nodokotela ohlinzayo uzothi, “Awu...” noma, udokotela wezokwelapha, athi, “Awumdingi lowomsiki kuwe, udinga amaphilisi.”

Futhi bobabili bayothi, “Ungazihlanganisi ngalutho nodokotela wezifo zamathambo noma ukwelapha izifo ezihambisana namathambo nemizwa.”

Futhi bonke bayothi, “Deda kumshumayeli.” Futhi lapho abantu becabanga ukuthi...

¹⁰⁷ Siyazi ukuthi ukuhlinza kwenze izinto ezinkulu, umuthi wenze izinto ezinkulu, ukwelapha amathambo imisipha nemizwa, nokwelapha ukusebenzisana kwamathambo imisipha nemizwa. Uma ibingekho eyokuzicabangela wena, injongo yobugovu emva kwakho, sonke besiyohlanganisa izingalo ndawonye senzela isintu esingcono; kanjalo namabandla nabashumayeli, uma babengazicabangeli kangako ezinhliziyweni zabo. Amen. Bangeke bavumele uKristu athathe umnyango.

¹⁰⁸ Ngaze amadoda amaningi asizwe ukwelapha ukusebenzisana kwamathambo imisipha nemizwa, isifo samathambo, ukuhlinza, nomuthi, impela, ngiyakholwa, ngikholwa ukuthi wuhlelo lukaNkulunkulu. Futhi wonke umuntu owake waphulukiswa, waphulukiswa ngamandla kaNkulunkulu. Awukaze ubekhona umuthi owake waphulukisa futhi awusoze. Ungeke waba nodokotela ukuba akutshele ukuthi umuthi uyaphulukisa, uma ekwenza, unephutha. Ukuphulukisa kwakha isicubu, umuthi kuphela ugcina into ihlanzekile, ukuze uNkulunkulu akwazi ukuphulukisa. Kunjalo.

¹⁰⁹ Lusizo, hhayi iselapho, noma yilokho uMnu. Mayo akusho, eMayo Clinic, ukuthi “Asizisho ukuthi singabaphulukisi, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo. Munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.” Lokho ngokuhle ukwedlula konke esinakho.

¹¹⁰ Kodwa izinjongo zokuzicabangela emva kwakho, izimpokophelo ayilungile. Besifanele sizame ukuhlangana ndawonye futhi sihlanganise izingalo zethu, odokotela, nabefundisi, nazo zonke izinhlobo ezehlukene zezinto ezingasiza umuntu wakithi enze impilo ibe ngcono kancane kuye, injabulo ethe xaxa kancane. Msize asuse ukuqaqamba kwakhe nezinhlungu futhi makajabule, njengoba uNkulunkulu ngempela wayehlose ukuba abe yikho, yilokho esikudingayo. Kodwa ungalindela kanjani ukuthi odokotela bakwenze, lapho abashumayeli bengakwenzi ngisho na? Yingalesosizathu uKristu efanele abe nelungelo lendlela enhliziyweni.

¹¹¹ Uma uKristu engangena enhliziyweni kadokotela, uzosebenza imini nobusuku ukuzama ukusindisa lesosiguli, noma ngabe uthola upeni ngakho noma qha. Futhi Uyobangela wonke umfundisi, uyokwenza konke angakwenza, uma enalesosiguli enhliziyweni. Impela. Noma yimuphi umuntu

onenhliziyi yakhe ikahle noNkulunkulu uzama ukusiza umfo, yilokho esifanele sikwenze, uma sivumela uKristu ame enhliziyweni yokukholwa. Vula iminyango futhi usebenzise yonke imizamo, ukhuleka, “Nkulunkulu, sazise ukuthi kuqhubeke kuphi ngokulandelayo.”

¹¹² Manje-ke kunomunye futhi umnyango esifuna ukuwuvula ngaphambi kokuba siqale ukukhulekela abagulayo, nalowo ngumnyango wamehlo akho. Benazi yini ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi lonyaka uyophela uhambaze, ungowokuhawukelwa, ompofu, olusizi, ophuphuthekile, futhi ubungekwazi na? “Ngiyakweluleka ukuba uze futhi uthenge umuthi wokugcoba amehlo kiMi, ukuze ugcoke amehlo akho ngomuthi wokugcoba amehlo, ukuze ubone.” Umnyango womphefumulo uyiso.

¹¹³ Awu, sakhuliswa ezintabeni zaseKentucky, nomkhulu wami wayevame ukuzingela amagqalashu, futhi wayethatha ugrisi, bese ewuncibikalisa, futhi enze olunye uhlobo lwamafutha esinqumelo esincane ngawo. Futhi uMama wayevame ukugcina lowogrisi wegqalashu ubekwe ngapho, lapho thina bantwanyana sasiba nokubanda emehlweni ethu...silala endlini endala enezingcwecwe zamapulangwe zokuvimbela isimo sezulu phezu kwayo nesiqephu sikaseyili phezu kombhede, uvimbe iqhwa nemvula kusuke kithi, akukho phansi, isiqu nje esisahwe phezulu kube yitafula, umbhede omdadlana onensimbi yokubiya ukuzungeza nesiqephu sikaseyili siqhaselwe kuwo namakhoba ukwenza umbhede. Anazi ukuthi izikhathi ezinzima siyini.

¹¹⁴ Namehlo ethu ayethola ukubanda kuwo, futhi ayevaleka thaqa, evuvukele evalekile, futhi omncane, uMama wayekubiza *ngobhici*, lwalungena emehlweni ethu. Futhi wayehamba ayolanda lesisitsha esidala sikagrisi wenyamazane efana negqalashu, bese egcoba ngogrisi amehlo ethu futhi awenze athambe, ukuze sikwazi ukuvula amehlo ethu siphinde sibone ukukhanya kwemini futhi.

¹¹⁵ Kodwa niyazi ukuthini? Ibandla likaNkulunkulu ophilayo libambe ukubanda kokomoya futhi lacishe labulawa amakhaza, namehlo abo aphuphuthekile ezintweni zikaNkulunkulu. Futhi kuzothatha okungaphezu kwendishi egcwele kagrisi wegqalashu ukukwenza noma yikuphi okuhle, noma isayense yezenkolo encanyanyana evela emangcwabeni athile, noma, ikholiji. Konke kuthi akufane. Kulungile. Kuzothatha umuthi wokugcoba kaMoya oNgcwele ukuvula amehlo ethu ukuze sibone ukulunga nezihawu zikaNkulunkulu.

¹¹⁶ UNkulunkulu uzothumela izibonakaliso nezimanga phakathi kwethu, sizothi, “O, awu, bekungaba ukufunda umcabango. O, uDkt. Jones wathi unganaki, ukuthi kungahle kube *ukuthi-nokuthi*.”

¹¹⁷ O uNkulunkulu, akavule amehlo akho aphuphuthekile! Ukuthi uNkulunkulu ufuna kanjani ukugcoba amehlo akho ngomuthi wokugcoba amehlo bese ewagcoba ugrisi kahle impela, ngakho kuzokhipha wonke amakhaza nokunganaki kuwe, futhi ungavula amehlo akho futhi ubone uBukhona baKhe!

¹¹⁸ Lalelani, Melika, ngisho lokhu, hhayi kubantu ngamunye, kodwa eMelika ngokugcwele: Ihora lakho lokwahlulela selisondele eduze. Uqiniseke impela nje ukuthi lesisizwe sizokwahlulelwa nguNkulunkulu, uma kungenjalo, ngingumprofethi wamanga nomqambimanga epulipiti. Kubhekeni nje, kuyeza! Kumakeni ezincwadini zenu, bese uthi, “UMfowethu Branham washo njalo, eGameni leNkosi.” Futhi nizobona ukuthi kuzoba ngaleyondlela nje, ngoba iBhayibheli likaNkulunkulu lasho njalo.

¹¹⁹ Ngolunye usuku, ngenza lesisitatimende kini, ngathi, “Uma uNkulunkulu engasehluleli lesisizwe ngesono saso, Ubophezelekile ukuvusa iSodoma neGomora futhi axolise ngokubacwilisa.” Impela. UNkulunkulu ubophezelekile. Ulungile, futhi Uthembekile, futhi Uneqiniso, futhi izahlulelo zaKhe ziyiqiniso. Futhi uNkulunkulu akabheki buso bamuntu. Futhi silinganisiwe ezilinganisweni futhi safunyanwa silula.

¹²⁰ Bengifuna ukushumayela ngalokho kuleliviki, kodwa nje ku...iviki alilide ngokwenele, ngokuthi: *Silinganisiwe Esilinganisweni*, bese kuthi-ke *Isandla Esiloba Odongeni*. Sisesikhathini sokuphela namehlo ethu aphuphuthekile kukho.

¹²¹ Umfundisi othize wathi kimi, esikhathini esithile esedlule, wathi, “Uma ubu yi—inceku kaKristu futhi unoMoya oNgcwele, ngishaye ngobumpumputhe, ngishaye ngobumpumputhe.” Wathi, “UPawulu washaya indoda ngobumpumputhe, wena ngishaye ngobumpumputhe.”

Ngathi, “Mfowethu, angikwazi ukwenza lokho udeveli asevele ekwenzile, usuphuphuthekile manje, futhi awukwazi.”

“O,” wathi, “lapho iBhayibheli likhuluma ngobumpumputhe, lisho ukuthi uphuphuthekile ngokwenyama.”

Ngathi, “U-Elisha washaya yonke impi yamaSiriya ngobumpumputhe, wayesethi, ‘Ngabe nibheka u-Elisha na?’

“Bathi, ‘Yebo.’

“Wathi, ‘Awu ngilandeleni, ngizonikhombisa ukuthi ukuphi.’

“UGehazi wayeyimpumputhe, emi lapho, futhi engakwazi ukubona iziNgelosi zoMlilo nezintaba zivutha ngakulowomprofethi, uNkulunkulu waze wavula amehlo akhe.”

¹²² Ubumpumputhe bokomoya bubi ngokuphindwe kazigidi eziyishumi kunobumpumputhe benyama. Uma ngifanele ngiphuphutheke emehlweni ami, noma ngiphuphutheke emoyeni wami, Nkulunkulu thatha amehlo ami, phambi komoya

wami. Amehlo ami mawavuleke ukubona inkazimulo yaKhe. Gcoba amehlo ami, O Nkosi, ngomuthi waKho wokugcoba amehlo. Ungavumeli umkhuhlane ungene bese wakha isifo esithelelanayo.

¹²³ Nokubanda, ukunganaki, amahlelo, izivumokholo, izimfundiso, nokunye nokunye, okukunika inyumoniya, namehlo akho onke enobhici futhi evuvukele, kuze kube manje, uNkulunkulu angakhombisa inkazimulo yaKhe, ungezwa umuntu ekujabulela, “*US'bani-bani* uphulukisiwe. Kungani ngingakwazi na?” Kuvula amehlo akho ukubona inkazimulo yaKhe. Ulapha. UKristu usaphila.

¹²⁴ Siyisithutha kakhulu ezindleleni zethu, sonke, asiziqondi izinto ezinhle uNkulunkulu asenzela zona. Uvumela kwenzeke e-Afrika, eNdiya, eYurophu, e-Eshiya, noma kuphi, izinto ezenzeke kulomsamo kuleliviki, uNkulunkulu uzoba nemiphefumulo engaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu eMbusweni waKhe ngaphandle komzamo owodwa kokuthathu.

¹²⁵ Kodwa izinto manje enibe nenhlanhla ngoNkulunkulu ukuzibona, kuzosuswa emehlweni enu. Makani izwi lami futhi nibone ukuthi lokho kuqinisile noma qha, lobu ubusuku bokugcina benkonzo, ubone ukuthi lokho kuqinisile yini, khonake ngitshele ukuthi ngingumprofethi wamanga noma qha, ngokuba ihora seliseduze.

¹²⁶ Kwedlula inhlekelele yakho eminyakeni emibili edlule, futhi benza ukukhetha kwabo kokugcina. O, kuzoba nemizamo emikhulu eveziweyo, ukukhwifa okuncane phezulu lapha nalapho, kodwa imvuselelo enkulu iyaphela. Ngizazi anikukholwa lokho, ngoba ngiyawuzwa umoya wenu, kodwa unjalo, empeleni. Bhekisisani nje futhi nibone ukuthi kusondele kangakanani ukuba kube yiphutha. Into elandelayo lesisizwe esiyitholayo ngukwahlulela, sedelele isihawu, ukwahlulelwa kwaso. Vula amehlo akho, uqalaze, kungavimbeka kanjani ukuba kwenzeke na? Uma kukhona uNkulunkulu weqiniso eZulwini, Ubophezelekile ukukwenza.

¹²⁷ Manje, asiziqapheli ngisho izinto ezinhle uNkulunkulu asiphe zona: isizwe esikhululekile, inkulumo ekhululekile, nezinto esibe nazo, nezimvuselelo ezinkulu ehambe yadabula izwe, izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso sekwenziwe. UBilly Graham, uJack Shuler, u-Oral Roberts, nabaningi babefundisi abakhulu wedlulile ezweni, emuva naphambili, emuva naphambili eMelika, futhi sithi nje, “Awu, ukuba ubengowehlule lethu, awu, bekungehluka.”

¹²⁸ Bese kuthi-ke bonke ubungcwele eBhayibhelini obushunyayeliwe nalokho enikufundiwe, nisolokhu, nina besifazane zihlubuleni futhi nihambe ninqunu ingxenye. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹²⁹ Nina madoda nenza okuphambene nje, uhlala ngapho uvumele umkakho aziphathe kanjalo, futhi agqoke kanjalo, futhi ungasho lutho ngakho. Awu, wena ncelebane! Ubungake ube kanjani umshumayeli na? Ubungaba kanjani idikoni na? Uma ungakwazi ukulawula indlu yakho uqobo, uzokwenzenjani endlini kaNkulunkulu na? Yingalesosizathu indlu kaNkulunkulu isesimweni ekuso namhlanje. Sidinga amadoda anamaqupha ethusi ukushumayela iVangeli, ukwembula isono futhi ikhombise ukuthi sikuphi, hhayi okuthize okuncane, into encanyana. Sidinga ukuhlakazeka okuyifeshini endala, ukudiliza, ukubunjwa kabusha. Sidinga imvuselelo yakudala kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi, esikhundleni sesigejane sezimfundiso ezincane ezigqamile.

¹³⁰ IBaptisti, iMethodisti, futhi bonke baba yinkoloze. Nina maPentecostal nalandela amadlingozi amancane, omncane, umuzwa oxakile, noma amafutha amancane noma igazi ezandleni zenu nasebusweni. Futhi ufinyelelephi na? Uyabona lapho ohlezi khona kulobubusuku na? Buyelani kuKristu futhi nivule amehlo enu, madoda.

¹³¹ Wuthando lukaNkulunkulu olumsulwa ngokoqobo futhi oluqinisekile. Futhi ungafakazisa kanjani ukuthi nothando lukaNkulunkulu, nokuqophisana, nokulwa, nokuphikisana, futhi nenza ngendlela esenza ngayo na? Lokho kul'khuni, kodwa kuyiqiniso.

¹³² Omunye wathi kimi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, emva kwentshumayelo yokuqala lapha ebandleni ngalokho, wathi, “Mfowethu Branham, awusoze wathandwa ngabantu ushumayela lokho.”

Ngathi, “Angifuni ukuthandwa ngabantu. Ngifuna ukuba qotho.”

¹³³ Angikhathali ngokuthandwa ngabantu, ngifuna ukuba qotho phambi kukaNkulunkulu. Ngangingaxegisa ngakho kudala, kodwa uNkulunkulu wanginika inhliziyu ukuba ngihlale ngokwethembeka kuYe, angikhathali ukuthi kwenzekani. Uma ngingenaye umngane osele emhlabeni, ngifuna Oyedwa eNkazimulweni. Lapho ngiwela umfula wokufa, ngifuna ukuhlangana naYe lapho. Impela.

¹³⁴ Ngisho lokhu kuphela, hhayi ubandlululo, ngisho lokhu ukushukumisa izinhliziyu zenu, kuze kuthi abanye benu bantu nimise lena izinto ezincane ngalapha, futhi nibuyele emhlanganweni womkhuleko oyifeshini endala ekhaya ngalinye ngalapha, niyokwenza abashumayeli babe namahloni ngabo uqobo, abantu abangafundele lutho bangakwenza uma nje nizokwenza. Uma abashumayeli bengakwazi ukuhlangana ndawonye, hlanganani ndawonye, nibe nemvuselelo.

¹³⁵ Kungesikho ukunganaki, ukukwenza kwehluke komunye umuntu, kodwa ukwenzela iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Zonke lezizibusiso ezinhle, asizange sizithokozele. Ubusuku nobusuku, ihora nehora, uNkulunkulu ubeka izibusiso zaKhe phansi, kodwa masinya zizophakanyiswa.

¹³⁶ Sengivala, ngizosho lokhu: Niyazi ukuthi yini indaba ngeMelika na? Nibone okuningi kakhulu.

¹³⁷ Esikhathini esingeside esedlule, ngangisedolobheni, cishe emavikini ayisithupha edlule, eWaterloo, e-Iowa, nomunye uyafika wangitshela, wathi, “Awu, bonke abantu bakithi balapho, sebevele basemhlanganweni wakho, Mfowethu Branham.” Wathi, “Asikho isidingo sokwehlela emhlanganweni kaMfowethu Branham.” Wathi, “Uma wehlela lapho, into kuphela oyibonayo, abantu benyukela emsamo, futhi kubatshelele ukuthini ngabo uqobo, nokunye nokunye kanjalo. O, sikukholwa konke lokho.”

¹³⁸ Aniboni ukuthi inhliziyo yomuntu ingaba nonya kanjani na? Lokho bekufanele kuxhuxhumise inhliziyo yomuntu endaweni enjalo bekuyoqala imihlangano yomkhuleko ndawo zonke, kodwa babanda kakhulu, abanganaki kakhulu, lokho nje iBhayibheli elathi bayoba yikho, uNyaka weBandla laseLawodikeya.

¹³⁹ Kodwa labo Abathandayo, Uyabalaya, Uyabasola labo Abathandayo. Impela, Uyabasola. Lowo kwakungumlayezo waKhe eBandleni laseLawodikeya, futhi khumbulani, lendikimba engiyifundayo kulobubusuku, iya eBandleni laseLawodikeya: “Ngimi ngingqongqotha emnyango.” [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] Impela.

¹⁴⁰ Sibone okuningi kakhulu nokuningi kakhulu kwenkazimulo kaNkulunkulu, u-Oral Roberts, bonke abanye babo, imihlangano yabo ibonakala ihamba, yehla, uShuler, ngisho nokaBilly Graham, inqwaba yabo. Awusenawo njengoba wawuvame ukuba nawo. Yini indaba na? Ukuwela okuncane sekuthi akuphele nje. Akusabaxhuxhumisi abantu ukubona imihlangano emihle, izimvuselelo ezinkulu, abanandaba ngabashumayeli abakhulu, kanjalonjalo, ukuthi iNkosi ibathumele njengalawomadoda.

¹⁴¹ Lapha, esikhathini esithize esedlule, ngenza ukuphawula ngomuntu owayeqala amadlingozi amancane, ngathi, “Ungakwenzi lokho, mfowethu. Uma bengingashumayela njengoba wenza, bengegeke ngiyiphathe into enjengaleyo.”

¹⁴² Kodwa uzama ukuthola okuthize okuhlukile kancane kunoma yisiphi esinye isigejane ukuze nidonse *lesisigejane ngalendlela*, *nalesisigejane ngapha*. He, bakhombe phezulu *ngaleyondlela*, yilapho esiya khona.

¹⁴³ Manje, ngesinye isikhathi kwakukhona indoda yehlela ogwini lolwandle, yayikhathele, yathi, “Ngiyehla ukuyophumula kancane. Angikaze ngilubone ulwandle.”

Futhi endleleni yayo eyehlayo, yahlangana nendoda ibuya, usawoti omdala, itiloseli elidala, futhi lathi, “Uyaphi, muntu wami olungileyo na?”

Yathi, “Ngehlela ogwini lolwandle, ngilangazelela ukubona amakhulu, amagagasi anosawoti egxuma, ngifuna ukuhogela umoya onosawoti, ngifuna ukuzwa izinyoni zasolwandle lapho zimemeza kakhulu, ngifuna ukubona amazulu ebonakaliswa emanzini anosawoti.”

Itiloseli elidala lathi, “Ngazalelwa olwandle, sengibe lapho iminyaka engamashumi amane, akukho lutho oluxhuxhumisayo ngakho engingalubona.”

¹⁴⁴ Kwakuyilokho-ke, lalikubone kakhulu, kwaze kwaba yinto evamile kulo. Yileyo indaba ngebandla kulobubusuku, nizibonile izibusiso zikaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nalezozinto, ebezenzeka iminyaka ebandleni, sekuze kwaba yinto ejwayelekile kuwe. Oyihlo nonyoko bathokoza ngenkathi uNkulunkulu eqala ukuthulula uMoya waKhe phezu kweBandla.

¹⁴⁵ Kuthiwani ngani Church of God na? Kuthiwani ngani Assemblies of God na? Ngani, nama ekhoneni nezigujana ithamborini ezincane, nakho konke okunye, futhi naniyofela imbangela, futhi manje ningeke nihambe ninqamule isitaladi ngembangela. Amen. Kwenzekeni na? “Nigijime kahle, yini enivimbele na?” Sekwejwayeleke kakhulu kini. Nikukholwa konke, impela, kodwa akusanixhuxhumisi, kwejwayeleke kakhulu. UNkulunkulu muhle kakhulu kini, futhi anikuqondi.

¹⁴⁶ Ezansi lapha, eningizimu, omdala, umngane wami ongumshumayeli oyikhaladi, wangixoxela indaba encane, futhi wathi ngesinye isikhathi wayenendoda endala eyikhaladi lapho, igama layo kwakungu, sasiyibiza ngoGabe, igama layo kwakunguGabriel, kodwa sasimbiza ngoGabe ngamafuphi nje. Futhi wazama ngamandla akhe onke ukuba athole uGabe omdala ukuba eze esontweni, futhi akakwenzanga, umkakhe wamkhulekela, wenze yonke into, kodwa uGabe omdala wayengeke nje aye esontweni, futhi wayengeke alungisane noNkulunkulu.

¹⁴⁷ Nomshumayeli wayethanda ukuzingela kanjalo noGabe omdala, futhi bahamba beyozingela. Futhi uGabe wayengesuye umnambi omuhle, wayengakwazi ukushaya lutho, kodwa wayethanda ukuzingela, ngokufanayo nje. Ngakho ngoluny’usuku ngenkathi ephumile ezingela, bobabili, endleleni ebuyayo ngenkathi ilanga selishona, bobabili besindwa kakhulu begcwele izinyamazane kwakul’khuni ukuba bahambe. O, kwakukade kuwusuku lwasensimini lwangempela kubo,

babenezinyoni, nonogwaja, nezingwejeje, nakho konke ababengakuthwala, nje besindwa kakhulu.

¹⁴⁸ Nelanga lase liyoshona, babeza ngendadlana, indlela yezinyawo ejwayelekile, nomshumayeli ehamba ngaphambili, nayo yonke nje inyamazane ayengayithwala, uGabe omdala, emva kwakhe, ehamba ekhubeka, konke ayengakuthwala. Emva kwesikhashana, umshumayeli wezwa isandla ehlombe lakhe, simmbambatha. Futhi lapho eqalaza, uGabe omdala wayembuka ngqo ebusweni nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe ezimnyama, wathi, “Mfundisi, uyalibona lelolanga lishona, *ngaleya* na?”

Wathi, “Yebo, Gabe, ngiyalibona ilanga lishona.”

¹⁴⁹ Wathi, “Yileiyondlela ilanga elishona ngayo empilweni yami.” Wathi, “Mfundisi, ekuseni, okuyiSonto ekuseni, uzongithola ezansi ebhentshini labalilayo. Futhi kuthi nje ngingaziqondisa lapho noNkulunkulu, ngibuyela emuva ngqo futhi ngizitholele isihlalo, futhi ngizohlala ebandleni ngize ngikhululwe ukufa.”

¹⁵⁰ Futhi omdala, umelusi oyikhaladi, ethembekile endaweni yakhe yomsebenzi, wathi, “Gabe, uyazi ngiyajabula ngalokho.” Wathi, “Umkakho usekukhulekele iminyaka, nabantwana bakho bakukhulekele, ngakukhulekela, ngizingele nawe, ngikhulume kuwe. Kungani kube ushintsho olusheshayo, Gabe na?”

¹⁵¹ Wathi, “Mfundisi, uyazi, *mina* ngingomunye wabafo abangakwazi ukudubula kunabo bonke kulelizwe.” Wayesethi, “Buka lapha, ngisindwa izinyamazane.” Wathi, “Ufanele ukuthi wayengithanda, kungenjalo Wayengeke anginike khona.”

¹⁵² Kuyiqiniso kanjani lokho! Umi emnyango futhi engqongqotha, Uthumela uMoya waKhe, izibusiso zaKhe, iZwi laKhe, yonke into yaKhe, ukuthumela kuwe, futhi uyasindwa kakhulu, futhi awukufanele. Impela khona-ke uzovumela uNkulunkulu avule iminyango yenhliziyi yakho kulobubusuku futhi ume lapho ekukholweni nasekwethembekeni. Uthi, “Woza, Nkosi Jesu, ungabi nguMsindisi wami kuphela, kodwa yiba yiNkosi yami. Thatha ukuziqhenya kwami, thatha ubugovu bami, thatha ukungakholwa kwami, thatha amehlo ami aphuphuthekile futhi uwavule, Nkosi, futhi ume enhliziyweni yami njengeNkosi yamakhosi noMbusi wababusi.” Impela siyaMthakasela kangako, ngobuhle Asenzele bona.

¹⁵³ Sisacabanga ngalokho umzuzwana nje, asikhothamise amakhanda ethu senzele izwi lomkhuleko. O, Akabanga muhle yini kini na? INkosi yethu ebusisiweyo ayibanga yini yinhle kakhulu kini ukuninika izinto eziningi kangaka ezinhle na? Futhi nokho, bukani ukuthi siYiphatha kanjani. Ngabe ukhona oyedwa...? Kukhona, inqwaba phakathi lapha kulobubusuku, ngeke sinikhuphulele lapha e-altare, kodwa ngiyazibuza uma beningathanda yini nje ukuthi, “Nkosi, Ubemuhle

kakhulu kimi, futhi bengingathandeki kakhulu kuWe, kodwa ngifuna ukuphakamisa izandla zami futhi ngithi, 'Nkulunkulu, ngithethelele. Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngiqonde ukuKukhonza ngenhliziyo yami yonke.'"

¹⁵⁴ Kwiphansi eliphansi, bangaki abazophakamisa izandla zabo na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. O, he! Bukani izandla nje.

¹⁵⁵ Ovulande abasesitezi ngakwesokudla sami, phakamisani izandla zenu, nithi, "O Nkulunkulu, Ube muhle kakhulu kimi, futhi angifanelwe, kodwa kusukela kulobubusuku, kuqhubeke, ngomusa waKho, ngizozama ukuzifakazisa mina uqobo ukuthi ngiyinceku yangempela kuWe, *nasi* isandla sami, Nkosi." Ungasiphakamisa isandla sakho, ovulande abasesitezi ngakwesokudla sami na? UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

¹⁵⁶ Ovulande abasesitezi ngemuva, ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi, "Kristu, kusukela kulobubusuku kuqhubeke..."? Ningabi namahloni, emuva lapho, bantwana.

¹⁵⁷ Umfana omncane, khiphela lowosikilidi emuva lapho. Kulungile. Ngiyakudabukela, uza ebandleni likaNkulunkulu! Umama wakho wakukhulisa kanjalo na? Uma ekwenzile, udinga ukubhaxabulwa! Lena akusiyo inkundla yezemidlalo, lena yindlu kaNkulunkulu, futhi ihloniphe! Phakamisa izandla zakho, uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa kimi." Yile yondlela yokukwenza, uNkulunkulu akubusise.

¹⁵⁸ Ovulande abasesitezi ngakwesokunxele sami, ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu anibusise. Kunjalo. Inqwaba yabo nxazonke.

¹⁵⁹ Baba waseZulwini, kancanyana nje manje, futhi sizosho isivaleliso. Lomhlango omkhulu uzovala, noma ingxenye yami yawo, ukudoba ngenetha ekade ngikwenza kulelikhona kuzovalala. Futhi nakhu okungenani izandla ezingamakhulu amabili noma ngaphezulu, yebo, ngaphezulu, ngiqinisekile, ziphakamile kulobubusuku, ukuthi bayadabuka ukuthi baKuphathe ngendlela abenze ngayo. Ube muhle kakhulu kubo, futhi bebengathandeki kakhulu eBukhoneni baKho. Bathethelele, Nkosi Nkulunkulu. Futhi kwangathi bona, njengoGabe omdala, indaba encane esanda kuxoxwa, ngendoda endala eyikhaladi ezansi lapha eGeorgia, ngiyakhuleka, Baba Nkulunkulu, ukuthi bazothola indawo yabo eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, nendawo yabo e-altare, futhi lapho bakhonze uNkulunkulu baze bakhululwe ukufa.

¹⁶⁰ SiyaKubona ubusuku ngabunye, nesibonakaliso esikhulu esimangalayo, wehlela lapha futhi ubonakalise ukuvuka kukaKristu, futhi siphuma ngqo, sithi, "Awu, lokho bekukuhle kakhulu." Singahle singakusho ngamazwi amaningi kakhulu, kodwa Nkosi, enhliziyweni bayakusho; futhi Awuzinaki kakhulu izindebe, yinhliziyu.

¹⁶¹ Nkulunkulu, siyakhuleka manje, ukuthi labo akade bethembeke kakhulu futhi beyibo ngempela kakhulu, bekhulwa yilolonke izwi futhi bethokoza ngayo yonke into Oyenzile, qinisa isehlakalo sabo manje, Nkosi. Siphe khona. Kwangathi bangahloma izikhali zonke, baphume bayolwa ngokufanayo empini, ngokuba impi isithi ayiphele. Singakuzwa ukunqoba kumemeza, “Ungesabi, mhlambi omncane; kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso.”

¹⁶² Busisa bonke kanyekanye manje. Sicela ukuthi Uzothatha lababantwana abathandekayo ubafake ezingalweni zaKho, babenomoya omuhle futhi benomusa, futhi sikhulekela ukuthi Uzobabusisa ngokuchichimayo, Nkosi.

¹⁶³ Bonke lababelusi abahle akade bekulomsamo lapha evikini, abanye babo phandle emhlanganweni lapha abakhiphe amabandla abo nezinto, uNkulunkulu abe nalawomadoda. O, qinisa ulwazi lwabo lokuzibonela, futhi kwangathi bangaphuma njengamathoshi avuthayo kulelidolobha nangakhona. Nikeza izimvuselelo ezinkulu, Nkosi. Siphe khona. Uzothumela abashumayeli bakho kuze kube umphefumulo wokugcina useMbusweni, ngiyazi Uzokwenza, futhi ngiyakhuleka izibusiso zami zibe phezu kwabo, Nkosi. Siphe khona.

¹⁶⁴ Futhi ngicela manje uBukhona bobuNkulunkulu bukaNkulunkulu ukuba buze manje futhi bubonakalise iNkosi uJesu emandleni okuvuka kwaKhe kanye futhi, ngaphambi kokuba sithi uhambe kahle komunye nomunye. Sikhulekela ukuthi sizohlangana izikhathi eziningi kulomhlaba, kodwa uma kungenjalo, kwangathi singahlangana kulowoMbuso omkhulu esizama ukuwumela kulobubusuku, uMbuso kaNkulunkulu. Sigcine siphephile, Nkosi, ngoMoya oNgcwele, ngaphansi kweGazi. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

¹⁶⁵ Bangaki ngempela othanda iNkosi, oYithanda ngempela nje na? Angikhathali ukuthi yiliphi ibandla. (Yebo, mnumzane.) Akumangalisi lokho na? Okungenani amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, mhlawumbe ngaphezulu, amaphesenti ayikhulu, ngithemba ukuthi kunjalo, ukuthi siyaMthanda.

¹⁶⁶ Uyini uNkulunkulu na? UNkulunkulu uluthando. Othandayo ungokaNkulunkulu. Manje, lokho akusikho esikubiza ngo “thando olukhululekile. lolo wuthando i-Agapao. Kunezinhlobo ezimbili ezehlukene zothando. Olunye lwazo yigama lesiGriki yiphileo. *Phileo* kusho “ubungani,” uhlobo onalo ngomkakho, uthando, lolohlobo lothando, lolohlobo lothando alulona uthando lweqiniso. O, ngiyazi nina matshitshi amancane nifuna ukukukholwa lokho, kodwa kuyiphutha.

¹⁶⁷ Lolohlobo lothando luzokwenza ube nomona ngomkakho, uzothatha ivolovololo futhi uqhumise ubuchopho bendoda ngenxa yakhe. Lolo akusilo uthando lwangempela, lolo

wuthando iphileo. Kodwa uthando i-Agapao luzokwenza wehle futhi ukhulekele lowomphefumulo olahlekile wendoda, lolu wuthando i-Agapao.

¹⁶⁸ Yilolohlobo lothando ibandla eliludingayo, sonke esiludingayo yilolohlobo lothando. Nkulunkulu, ngiphe lolothando. Ngingaqoka ukuba nalesosehlakalo sothando kunokuba nazo zonke iziphiwo uNkulunkulu anazo eZulwini laKhe, ngokuba ungaba naso sonke isiphiwo uNkulunkulu anaso futhi usalokhu ulahlekile. Bangaki okwaziyo lokho na? Kunjalo impela. Wuthando, uthando lukaNkulunkulu. “Lapho kukhona izilimi, ziyonqamuka; lapho kukhona isiprofetho, siyohluleka; lapho okukhona ukwazi, kuyoshabalala. Kepha nxa sekufikile okupheleleyo, kumi phakade.” Uthando, thandanani, leyo yinto enkulu.

¹⁶⁹ Billy, mangaki amakhadi na? Ikhulu. Angazi noma kukhona yini...? Bangaki phakathi lapha o...? Angazi ukuthi ngenzeni. Sekuleyithi. Ngithatha nje isikhathi esiningi kakhulu. Ngithanda ukugijimisa umugqa osheshayo, ngidlulise nje abantu. Ngiyesaba angikwazi ukubadlulisa bonke. O, asizame. Si—sizokwenza...asi...Ngizonitshela, ubani onelokuqala na? Yini leyo, u-M na? U-Z. Asiqale ngowokuqala. Ubani ono-Z, ikhadi lomkhuleko u-Z, njengo-X, Y, Z na? Ubani ono-Z, wokuqala, phakamisa isandla sakho? Noma yikuphi esakhiweni, ikhadi lomkhuleko...? Inenekazi le ngapha. Woza ngapha, dade. U-Z, wesibili, phakamisa isandla sakho. Qalaza manje, ubone ukuthi ubani. Phakamisani izandla zenu phezulu ngempela. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁷⁰ ...Mkholwe futhi ubone ukuthi Angeke yini aphendule ngqo futhi enze. Uma Esenguye, Uzokhuluma okufanayo. Manje yiba nokukholwa futhi ukholwe. Ngizozama, uma iNkosi ithanda, ngoba abafikayo.

¹⁷¹ Ngicabanga ukuthi inenekazi lapha liyisihambi kimi. Angikwazi. Lokho...Siyizihambi. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi yini oyizele lapha...Yenza nje esinye isithombe, njengomthombo nje eSamariya, owesilisa nowesifazane. Nasi isikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlangani. Owesifazane mdadlana kunami. Angahle azalwe ngokwehlukana ngamamayela, iminyaka embalwa ngokwehlukana, futhi nakhu simi lapha okokuqala empilweni, sihlangani.

¹⁷² Manje, uma lowo wesifazane...Angimazi, angikaze ngimbone. Kodwa uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, uma edinga ukuphulukiswa, uNkulunkulu usevele ukwenzile; uma edinga insindiso, uKristu usevele uyilungisele; uma edinga...noma yini ayidingayo, uKristu uyiSabelo sethu. Ngabe kunjalo na? Kodwa manje, kimi ukuba ngimnike khona,

angikwazi, Bengingeke ngikwenze, kodwa uKristu angakwenza, esisekelweni esisodwa, uma ukukholwa kwakhe kuzokukholwa.

¹⁷³ Manje, indawo yokuqala, futhi eyangempela yeqiniso ne...indlela yangempela yokukukholwa, ngukuthatha iZwi likaNkulunkulu ngakho. Kodwa-ke Wamisa izikhundla eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli, konke okokupheleliswa kweBandla laKhe. Manje, uma Ezokwenza lokho...(Manje, bonjiniyela bhekisisani lokhu, lapho kufika ugcobo, angazi ukuthi ngikhuluma kakhulu kangakanani. Niyabo?)

¹⁷⁴ Uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi umeleni lapha, uzokwemukela njengoba uzokwemukela na? Bangaki, zethameli, abazokwenza okufanayo na? Ngifisa nina...Ngi-ngi-ngifuna ukusho ukuthi niqonde lokho. Ngi-ngifuna ukuthi...Uma ukwenzile, neNkosi iyaphenduka futhi yenza lokhu, khona-ke bekungebebikho sidingo somugqa womkhuleko, noma kuphi. Senake nacabanga ngalokho na? Nithe nizokukholwa.

¹⁷⁵ Nangu lona wesifazane nami, asikaze sihlangeane ezimpilweni zethu, nazi izandla zethu, zombili ziphakeme, nanti iBhayibheli likaNkulunkulu, lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Anginamqondo ukuthi lowo wesifazane umeleni lapho, kuna—kunanoma yimuphi umuntu oxakile kuye, bengingeke nginitshele. Kodwa ngingumfundisi, ngikhulwa ukuthi uKristu wakwethembisa lokhu, Kwakuyisiphiwo Asenze saziwa umhlaba wonke jikelele, ezigidini zabantu. Wakwethembisa, Akadingi ukukwenza, Wayengadingekile ukuba aphulukise ngenkathi Elapha, kodwa Wakwenza, ukuze kugcwaliseke, Uyakwenza manje ukuze kugcwaliseke ukuthi iZwi laKhe kwabeZizwe, isithembiso, kuyafana nje namhlanje njengoba kwakulokhu kunjalo.

¹⁷⁶ Manje, uma Ekwenza, khona-ke nonke ningavele nje nihambe khona lapho, futhi nithi, “Ngiyabonga, Nkosi, ngiyaKwemukela enhliziyweni yami, UyiNkosi yenhliziyoyami, iminyango yami yokukholwa ivuliwe, Umi emnyango, ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwami. NgiyaKubonga, Nkosi,” futhi uqhubeke uthokoza, konke kuzophela. Lelo yiqiniso leVangeli impela nje. Lokho kungokweZwi, lokho kungokobufakazi bakho, lokho kungokobufakazi bakho.

¹⁷⁷ Manje, kukuNkulunkulu ukufakazisa ukuthi kuqinisele noma qha. UNkulunkulu aphe khona, ngumkhuleko wami.

¹⁷⁸ Ngikhuluma bese-ke ngingena ukuqala loluhlobo lokukhulekela abantu, kul’khuni, uzishintsha ubuyeke emuva ngqo, ulindele ugcobo.

¹⁷⁹ Senake nasibona lesosithombe phandle lapho seNgelosi yeNkosi na? Ya. O, ninaso na? Kulungile. Manje, niyakholwa ukuthi leyo yiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli na? Niyabo, KwakuyiNsika yoMlilo. Futhi ngenkathi

uJesu elapha emhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.” Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi WayeyileyoNsika yoMlilo, Washo lokho. Wathi, “NGINGUYE ENGINGUYE. Engakabikho uMose, NGIKHONA.” WayeyiNsika yoMlilo eyayisesihlahleni esivuthayo. Wathi (Manje, Wayelapha enyameni.), “Ngivela kuNkulunkulu,” iNsika yoMlilo, “Ngibuyela kuNkulunkulu,” iNsika yoMlilo.

¹⁸⁰ Futhi ngenkathi uPawulu ehlangana naYe esendleleni ebheke eDamaseku, WayeyileyoNsika yoMlilo futhi. UPawulu wawa phansi, labobantu ngakuye abakubonanga, kodwa Kwakhipha amehlo akhe, wathi, “Ungubani Wena, Nkosi na?” leyoNsika yoMlilo enkulu.

Wathi, “NginguJesu Omhluphayo.”

¹⁸¹ Manje-ke nasi isithombe saKhe ephepheni, ngemilobo yeminwe nencwadi yeFBI, “Kuyiqiniso.” UGeorge J. Lacy wathi, “UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya, Mnu. Branham. Leliso lomshini lalekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.” Ngakho lapho, kungubufakazi uqobo ngesayense ukuthi Bekungeke kube isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Ngiyadabuka ukuba bengingaba lapha kwisayense ephathelene nengqondo, njengomfundisi weVangeli. Hhayi mina, dadewethu, ngicabanga kakhulu ngeNkosi yami ngalokho. Ngilapha njengokunisiza, ukwenza konke engingakwenza ukuze ngithole ukukholwa kwenu kuKristu.

¹⁸² Owesifazane, ngibona uMoya weNkosi, njengoba Ubuhamba njengokuKhanya, ungena ngqo phakathi kwam nowesifazane. Uhlushwa ukwethuka okwedlulele. Kunjalo. Futhi unesifo sokuvuvuka komphimbo. Lelo yiqiniso. Uyakholwa manje na? Kusobala isifo sokuvuvuka komphimbo asikhombisi, yisifo sokuvuvuka komphimbo ngaphakathi, kodwa yiso, ngumoya wokuminyanisa. Kunabaningi babo emhlanganweni. Ufuna umkhuleko ngomunye umuntu, ngumuntu ongekho lapha, lowo ngumyeni wakho, unenkathazo ngekhandu lakhe. Sekuphelile manje, nobabili niphulukisiwe, ngakho ningahamba manje futhi niphile, eGameni likaKristu. UNkulunkulu akubusise. Ngifuna ukuthinta isandla sakho.

¹⁸³ Uyakholwa, nenekazi na? Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Siyizo. Uma iNkosi uJesu izokwenzela i... phakathi kwakho nami, njengomfowethu nodadewethu, njengoba uNkulunkulu enzela owesifazane emthonjeni, uzokwemukela futhi ukholwe na? Lokho ukuphathwa yikhanda okubi kabi akunjalo na? Leso sifo samankanka senza ukuphathwa yikhanda okubi kabi, yilokho onakho, inkathazo yokucinana kwamankanka. Ngikubona ubambe ikhanda lakho *kanjalo* izikhathi eziningi, phezulu ngaphezulu, emehlweni

akho nezinto, kubi kakhulu. Uzame yonke into, akukho okusebenzayo. Kodwa uyakholwa ukuthi uzophulukiswa.

¹⁸⁴ Manje, nansi enye into, ukuze wazi ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu. Ufuna umkhuleko ngomunye umuntu, futhi leyo yindodana yakho. Uyakholwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngendodana yakho, kuzosusa konke nokunci kwethunzi kuwe na? Inenkathazo ngeqolo layo, futhi inenkathazo ngekhandla layo. Futhi enye into oyikhulekelayo, insindiso yomphefumulo wayo. Inethunzi elimnyama phezu kwayo, isibekelwe ukufa, ngokuba iyisoni. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

¹⁸⁵ Ayikho indlela ezweni yalokho ukuba kwaziwe ngaphandle kukaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Uma lokho kunjalo, uma ukukholwa lokho, phakamisa isandla sakho. Manje, hamba ukuthole ngendlela nje okukholwe ngayo, kuzoba ngaleyondlela nje. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngifuna nje ukuthinta isandla sakho. Niyabo?

Manje, ungangabazi, yiba nokukholwa.

¹⁸⁶ Ngabe lokho okubili noma okuthathu na? Okubili na? Okuthathu yisiqinisekiso. Manje, uma ngingakwazi, ngizoqala umugqa osheshayo umzuzu nje, uma singakwazi. Kul'khuni lapho lologcobo luhlaba njengoba lunjalo manje, bese uqala umugqa kanjalo.

¹⁸⁷ Ngabe siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga, nenekazi na? Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi uJesu ibingembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uyakholwa. Ufuna umkhuleko wamehlo akho. Kunjalo. Kusobala, ufake izibuko, yilokho-ke naleloso liba libi. Kodwa ngabe u...? Kukhona okungaphezu kwalokho okufunela umkhuleko. Ube no—ube nokuhlinzwa. Kunjalo. Futhi bayikhiphile inso, ngiyababona beyikhipha emhlane wakho, uhlangothi lwakho. Kunjalo impela.

¹⁸⁸ Futhi ukhulekela omunye umuntu, naleso yisihlobo somshado, uskwiza. Futhi akekho lapha. Futhi usibekelwe ukufa ngumdlavuza. Futhi uhlala edolobheni elikhulu, yindawo ebizwa nge-Atlanta, eGeorgia. UngowaseGeorgia, nawe, kodwa awuveli e-Atlanta, ngaphandle nje kwe-Atlanta. Uyakholwa na? Igama lakho unguMary, isibongo sakho nguLouey. Hamba ngendlela yakho, ukholwe okuzwile, kholwa ukuthi kuvela kuNkulunkulu, futhi ungaba nakho okucelayo, eGameni likaKristu. Hamba uthokoza...?...UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

¹⁸⁹ [Umfowethu uthi, “Lelo ngelesithathu. Ufuna ukuqala umugqa osheshayo na?—Umhl.] (Ake sibone uma bengingakwazi, umzuzu nje.) Sawubona? (Angikwazi ukukwenza. Nje—nje myeke ahambe.) Nakho sekuvele

kuyahamba. Niyabo? Yima lapho nje umzuzu. Owesifazane usenkathazweni ngamandla. Yilokho-ke. Niyabo? Owesifazane uhlushwa ukwethuka okwedlulele, futhi ulahlekelwe ngomunye wemizwa yakhe. Ngiyakubona uzama uku... Ngukuhogela, ulahlekelwe umuzwa wakho wokuhogela. Yilokho obufuna ukukukhulekela, ngiyakwazi lokho, uzokwemukela, ngakho ungakhathazeki. Ungahogela manje. Ungahogela khona manje. Niyasibona isandla sakhe siphakama na? Ngikubonile lokho kuKhanya... [Udade uthi, “Kuyangishaya.”] Kunjalo.

¹⁹⁰ Futhi ufuna umkhuleko waleyondodana, futhi, awunjalo na? Yinkathazo yengqondo. Futhi ayisindisiwe, futhi ufuna umkhuleko wayo. Uzokwemukela. Hamba ngendlela yakho uthokoza futhi ubonge uNkulunkulu ngokulunga kwaKhe. Kulungile.

¹⁹¹ Woza, mnumzane. (Kulungile, ngifanele nje ngikuyeke kuhambe. Ngibuthakathaka kakhulu ukuba ngizibuyise futhi.) Sawubona, mnumzane? Ngiyisihambi kuwe. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu esimi phambi kwakhe uzosehlulela ngoluny’usuku uma singekho ngaphansi kweGazi leNdodana yaKhe, uJesu na? Uhlushwa yisimo sokwethuka okwedlulele, unokwethuka kakhulu, kungukwethuka kwengqondo, uyakhathazeka, uwela amabhuloho ngaphambi kokuba ufike kukho, njalo ubala into ethize engenzeki neze. Yeka ukukwenza, akukho okuzokukhathaza.

¹⁹² Enye into, unenkathazo ngekhanda lakho, izindlebe zakho, futhi, unenkathazo, unenkathazo esifubeni sakho, unenkathazo yamankanka. Lelo yiqiniso. Unomkhuba ofuna ukuwuyeka, lokho ukubhema osikilidi, nokho uzisho ubuKristu. Angenzi ungabi umkristu ngakho, qiniso, kodwa yilokho okubangela inqwaba yenkathazo yakho, lobo ngubumnyama obulenga phezu kwakho. Uzozishiya izinto na? Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumile, uNkulunkulu uzongivumela ngilahle into isuke kuwe khona manje.

¹⁹³ Unonkosikazi omkhulekelayo, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngomkakho na? Uzokwemukela na? Unenkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, kanti futhi unenkathazo yenhliziyi, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, usuphulukisiwe lapho, dade, futhi usuphulukisiwe, nawe. Into isisukile kuwe. Hamba eGameni leNkosi uJesu.

Yiba nokukholwa, ungangabazi. Thula, ungayaluzi.

¹⁹⁴ Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Ngukuhlangana kwethu kokuqala.

¹⁹⁵ Manje, ngiyacela, ngiyacela, bangane, yibani nenhlonipho yokuzithoba kade kancane nje. Ngicabange ukuthi bengingaqala umugqa osheshayo, angikwazi ngoba ugobo seluvele lushaye

isakhiwo, abantu bayakhuleka. Ngima nje isikhathi eside ngangokunokwenzeka. (Bangaki odlule emgqeni na? Lesi yisigejane impela.)

¹⁹⁶ Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ikhona, mnumzane na? Sizoma eBukhloneni baKhe bobuNkulunkulu ngolunye usuku, ukuba sizilande ngezimpilo zethu. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, yiba ngumahluleli. Uma ngikutshele ukuthi ubugula futhi uzosinda, ubuzoba nelungelo lokukungabaza lokho, ngoba leyo yinto ethize ezobakhona esikhathini esizayo, kodwa uma ngikutshele into ethize ebisesikhathini esedlule, ubuyokwazi ukuthi ngabe lokho bekuyiqiniso noma qha.

¹⁹⁷ Udabuke wonke, unokwethuka, uphatheke kabi, unenkathazo esifubeni sakho. Futhi unesimo sangaphakathi, isimo sangaphakathi ongazi ukuthi kuyini. Kwenza mehluko muni ukuthi kuyini, inqobo nje uma manje useBukhloneni bukaNkulunkulu Okuphulukisayo na? Uyakukholwa na? Awusuye owasedolobheni lapha, uvela kwenye indawo, leyo yiGeorgia, e-Alma, eGeorgia. Kunjalo impela. UnguMnu. Lee. Buyela emuva ezansi lapho futhi uphulukiswe. UJesu Kristu uyakusindisa. Amen.

¹⁹⁸ Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. Uyakholelwa kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Manje hlolipha ngokuzithoba.

¹⁹⁹ Sawubona, mnumzane? Ngicabanga ukuthi isikhathi sethu sokuqala ukuhlangana, mnumzane. EBukhloneni boBuntu baKhe obubusisiwe, uma bengingakusiza, mnumzane, bengiyokwenza, uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami, bengiyokwenza. Kodwa sobabili sizoma eBukhloneni baKhe ngoluny'usuku ukuba sizilande ngezimpilo zethu, esikwenzile lapha emhlabeni. Uma iNkosi uNkulunkulu ifanele yembule okusenhliziyweni yakho lokho okufuna kuYo, ulapha ngenhloso ethize, angazi, ubungaKwemukela njengokuvela kuYe na? Ubuyokwenza.

²⁰⁰ Unobuhlungu esiswini sakho, unenkathazo yesisu, futhi unamatshe enyongo, isimo senyongo esingena esiswini sakho, esisiphazamisayo, sikujikijela emalumbwini, ukubhodla okumuncu, nokunye nokunye, okubabayo, kukhuphuka kusuka kukho, amajaqamba ngakwesokudla. Ngikubona ndawondawo ngasepul-... ungumshumayeli, umshumayeli oyiBaptisti, kulokho. Uyakholwa ukuthi uphulukisiwe na? Qhubeka, ushumayele iVangeli, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa.

²⁰¹ Unganyakazi, ngiyacela unganyakazi. Mhlawumbe abantu bayakhathala.

202 Ucabanga ukuthi ungaphezu kwenkathazo yeqolo na? Uyakholwa na? Gijima usuke emsamo, uthokoza, uthi, “Ngiyakubonga, Nkosi.”

203 Woza lapha, wena.

204 Ngiyacela hlala unganyakazi nje imizuzu embalwa kade.

205 Usemncane ukuba ube nalokho, leyo yinkathazo yabesifazane, kodwa unayo ngokufanayo nje. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu izokuphulukisa na? Hamba-ke futhi ukukholwe. Uyakholwa, ngifuna nje ukuthinta isandla sakho lapho wedlula.

206 UNkulunkulu angaselapha isifo sikashukela, akusho lutho ku—kuYe, Angakusindisa. Uyakhukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa futhi akuphulukise, futhi na? Kulungile, suka emsamo, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi,” kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, uzoba nakho okucelile, mnumzane.

207 UNkulunkulu akubusise, mama. Kade ulapha isikhashana impela, kodwa uKristu uphila enhliziyweni. Uyakholwa ukuthi Uzoyiphulukisa inhliziyo yakho futhi akusindise kuleyonkathazo yenhliziyi na? Hamba, ukukholwa khona-ke, ungangabazi. Ungaba nakho okucelayo, uma nje uzokukholwa, futhi ungangabazi, ngayo yonke inhliziyo yakho.

208 Uyakholwa, nenekazi na? Usemncane ngalokhu, kodwa unesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

209 Yini ekunika inkathazo yakho yesisu yisimo sokwethuka, kodwa unenkathazo yesisu ofuna ngiyikhulekele. Hamba ukholwe manje, futhi ungadla futhi uzijabulele njengoba wawuvamise ukwenza. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho lapho uhamba.

210 Ukuba-ke angishongo lutho na? Ubungangikholwa, noma kanjani, njengenceku kaNkulunkulu na? Khona-ke phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, futhi nisuke emsamo, nithi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

211 Uma ngingakutshelanga lutho, ubungakholwa, empeleni na? Khona-ke inkathazo yakho yenhliziyi isikushiyile. Qhubeka, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Yiba—yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

212 Kuyaxaka, ngithe inhliziyo, noma, inkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza ukuze udle na? Kulungile. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

213 Unokwethuka, futhi, unenkathazo yesisu, futhi, inkathazo yamanenekazi, ejwayelekile kokwakho... owesifazane

oseminyakeni yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Hamba ngendlela yakho, uthokoza khona-ke.

²¹⁴ Nenekazi eliselincane, ucabanga ukuthi uKristu uyakuphulukisela leyonkathazo yeqolo na? Hamba ngendlela yakho, uthokoze, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu,” futhi ungaphila.

²¹⁵ Noma ubani angabona ukuthi unokusafanela kokuzwa kangcono endlebeni yakhe. Asikususe lokho. Umzuzu nje, khothamisani amakhanda enu wonke umuntu. Uyakholwa na?

²¹⁶ Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu, susa lamandla esitha, njengoba ngisusa lokhu endlebeni yakhe. Mnike ukukhululwa okuphelele futhi umsindise, makuthi lezizindlebe zivulekele inkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

²¹⁷ Sekuyisikhathi esingakanani ungaleyondlela, mnumzane na? Cishe iminyaka eyishumi. Iminyaka eyishumi usho njalo na? Awu, uyangizwa nje nginyenyeza futhi ngikhuluma manje. Usuphulukisiwe, nayo yonke inkathazo yesifuba somoya nezinto obunazo, inkathazo yakho, konke sekukushiyile manje. Hamba, uthokoza futhi ubonge uNkulunkulu futhi uphile. Uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” UNkulunkulu akubusise.

²¹⁸ Kulungile, qhotha *kanje*, ubone ukuthi uzizwa wehluke kanjani. Kulungile. Inkathazo yakho yeqolo isiphelile. Uyabo? Amen. Hamba nje uthokoza, udumisa iNkosi.

²¹⁹ Isithunzi sobumnyama silandela owesifazane, umdlavuzwa. Awu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa, dade na? Hamba ngendlela yakho, ubumnyama busukile kuwe. Sinda, eGameni leNkosi uJesu.

²²⁰ Woza manje. Ucabanga ukuthi leyo nkathazo yamanenekazi iyasuka na? Inkathazo yabesifazane. Qhubeka nje uhamba manje, futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.

Uyakholwa na? Kakhulu kangakanani na?

²²¹ Uyakholwa ukuthi uphulukisiwe, nenekazi na? Qala nje uthokoza. Qhubeka usuke emsamo, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Nkosi.”

²²² Uyakholwa ukuthi uphulukisiwe na? Qala ukuthokoza nje, udumise iNkosi. Kulungile, mnumzane, kukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho futhi uzakuba nakho.

²²³ Woza manje. Uyakholwa, mnumzane na? Inhliziyi endala izoshaya kahle kusukela manje kuqhubeka. Qhubeka nje uhamba manje. UNkulunkulu akubusise. Uthi, “Mayibongwe iNkosi.”

²²⁴ Kuyaxaka, ngalokho, futhi. Hamba ngendlela yakho, uthokoza, kuyakushiya. Leso bekuyisimo sokwethuka nje, empeleni, bekuyiso. Uyabo?

Asithi, “Mayibongwe iNkosi,” wonke umuntu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

225 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa na? Uma ngimkhulekela, ucabanga ukuthi uba kahle na? Woza lapha, nsizwa. Ngiyabonga.

226 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, masiqalekiswe isifo kulomfana nalokhu kuhlupheka, kwangathi angasinda, ngiyakucela. Futhi uJesu wathi, “Yisho kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushoyo.” Lokhu ngiyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

227 Kulungile, ndodana, ungangabazi, uyaphuma kulokhu manje, futhi uphile. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Amen.

Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

228 Uyaphazamisa lapho—lapho uhambahamba kanjalo, ngiyacela thula umzuzwana nje.

229 Lapha, asiphendukele ezethamelini, umzuzu nje. Bangaki phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko na? Ake sibone izandla zenu. Asize kusukela kwesokudla kuya kwesokunxele ngaphesheya kwalapha manje.

230 Nenekazi, elihlezi laphaya ekugcineni kohlu, linenkathazo yesisu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Uma ungakukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ungaba nakho okucelayo uma ungakholwa. Phansi lapha, hhayi esitezi esiphezulu, phansi lapha kwiphansi lendlu, kwemukele futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Yebo, mem. Sekuphelile manje.

231 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe iNdodana kaNkulunkulu!

232 Kuthiwani ngaloluhlu na? Omunye kuloluhlu ufuna ukukholwa na? Phakamisa izandla zakho, umuntu ofuna ukukholwa. Nanti inenekazi elisondele kunawo onke kimi. Ngeke ngathi Uzokwenza, kodwa uma Ezokwenza, ubungangikholwa, nenekazi, khona lapho na? Khona-ke inkathazo yakho yeqolo izokushiya, futhi uzosinda. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile, ungaba nakho okucelile.

233 Kuthiwani ngaloluhlu na? Uyakholwa na? Kuthiwani ngawe, inenekazi eselikhulile elihlezi lapha ne... Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulesosifo samathambo, akusindise na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. Kulungile, ungaba nakho okucelayo.

234 Kuthiwani ngale kuloluhlu lapha na? Ukhona okholwayo ofuna ukuphulukiswa na?

²³⁵ Kuthiwani ngaleyontombazanyana ephakamise isandla sayo, ezansi lapho na? Uyakholwa, s'thandwa na? Uyakholwa na? Kunamantombazanyana amabili ahlezi lapho, omabili anesifo sikhushukela. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho khona lapho futhi ukhombise ukuthi kunjalo. Kulungile. Hamba uye ekhaya, uphile, s'thandwa, uJesu, uKristu uyakuphulukisa. Amen.

²³⁶ Omunye umuntu, omunye umuntu kuvulandi osesitezi, ndawondawo, kuthiwani ngawe ophakamise isandla sakho, ezansi lapho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa kuleyonkathazo yokwethuka na? Unendodana engasindisiwe oyikhulekelayo, futhi, awunayo na? Kulungile. Sekuphelile manje. UJesu Kristu ukuphulukisa kukho konke . . .

²³⁷ Niyakholwa na? Ngabe nina, nonke niyakholwa na? Ulapha. Sihlale kanjani sibe ndikindiki na? Asikholwe uNkulunkulu. UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke asime ngezinyawo zethu umzuzu nje, wonke umuntu. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, thembisani uNkulunkulu, "Nkosi Nkulunkulu, manje ngiyakholwa." Angikwazi nje ukuqhubekela phambili, izinyawo zami ziyahluleka ngaphansi kwami.

²³⁸ Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ilapha. Ningabe nisangabaza, bangane. Phakamisani izandla zenu, futhi niMdumise, futhi niMnike ukubonga. Nonke niphulukisiwe. Ngiyakumemezela eGameni likaJesu Kristu, ngemivimbo yaKhe niphulukisiwe. Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo, konke phansi kulomugqa omncane lapha, Mniken! udumo. Futhi uNkulunkulu anibusise.

²³⁹ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, nanku umkhuleko wami, Nkosi, umkhuleko wokugcina walababantu: Ngilahla zonke izifo esisesakhiweni, ngilahla konke ukuhlupheka esakhiweni!

²⁴⁰ Futhi Sathane, uyadalulwa, iNdodana kaNkulunkulu ivukile kwabafileyo ukuqinisa iZwi laYo, futhi wehluliwe empini. Ngiyakuyala, Sathane, eGameni likaJesu Kristu, phuma kulababantu futhi ubadedele, ukuze babe seMbusweni kaNkulunkulu, eZwini laKhe! 

58-0302 Umnyango Oya Enhliziyweni
EMemorial Auditorium
EChattanooga, ETennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org